


U-ABRAHAMA

 INkosi inibusise.

² Sanibona kusihlwa, bangane. Kuyinhlahlala ukubuya futhi, kulobubusuku, ebandleni uku—ukukhuluma ngeZwi, iZwi laPhakade likaNkulunkulu waPhakade waseZulwini. Ngikhathele kancane, sibe—sibe nezinkonzo ezimbili kulokhu ukusa eSidlwani sasekuseni seChristian Business Men Fellowship, iNkosi yasipha isibusiso esikhulu.

³ Kukhona okwenzekile empilweni yami uqobo ukuthi, angisoze ngakukhohlwa. Futhi ngakho, ngibonga kakhulu eNkosini ekuqinisekiseni kwa—kwalokho engizama ukukwenzela iNkosi, iNkosi yakuqinisekisa ukuthi kunjalo, ukuthi kwakuyintando yaYo. Futhi—futhi uyazi ukuthi uzizwa kanjani lapho wena, into ethize yenzeka kanjalo, ikwenza uzizwe ukahle ngempela.

⁴ Manje, kade nginigcina kuze kudlule isikhathi kancane, ngiyaxolisa ngalokho. Futhi—futhi ngiyagijima nje, kulokhu ukusa ngicabange ukuthi bengenxa kahle ngempela, ngase ngithi, “Sekuyimizuzu engamashumi amabili nanhlanu ngaphambi kweleshumi nanye,” newashi lase limiswe ihora, kusho uMfowethu Demos. Ngakho ngiqagele yile yondlela nje okuhamba ngayo, niyazi, sivele siphelelwe yisikhathi, kuningi kakhulu ongakusho, nesikhathi esincane kangako sokukusho.

⁵ Kusasa ekuseni, ngicabanga ukuthi ngeleshumi nanye noma ligamenxe eleshumi nanye, lapho ibandla likhishwa, bengizo—zokuza lapha, futhi, ngomlayezo omncane ebandleni, iNkosi ithanda, lokho kusemva komelusi futhi konke sekuphelile ngemisebenzi yabo yasekuseni noSonto sikole.

⁶ Bese kuthi-ke kusasa ebusuku ngukuthi, sizokhulekela abagulayo, lokho kungukuthi uma okwenele kuphuma ukukwenza. Niyabo? Sifanele sibe nokwanele ukuqhuba umugqa womkhuleko uma sizokhulekela abagulayo. Lapha, umfana wathi ngolunye usuku ngenkathi ekhipha amakhadi omkhuleko, emva kokuba esethole cishe amashumi amabili, wathi lelo seliphelile, ukuthi lalingasekho. Wangakwazi ukunikeza amanye amakhadi, ayengekho amaningi kangako. Lokho kuthi akube yindlela esikushaya ngayo ebandleni elincane, niyazi, lapho sinemihlangano yebandla. Niyabo, ungena ezethamelini eziningi kakhulu . . .

⁷ Bese kuthi-ke, kusasa ebusuku, uma ninanoma yibaphi abathandekayo ofuna ukukhulekelwa, manje, siyahlela, uma uNkulunkulu ethanda, ukuba sikhulekele abagulayo kusasa ebusuku, ube lapha ngelesithupha ngo ngaphambi kokuba noma yimiphi imisebenzi yebandla iqale, uzitholele ikhadi

lomkhuleko, futhi—futhi ulungele umkhuleko, kusasa ebusuku. Asazi nje ukuthi kanjani, kodwa sizozama ukuthi mhlawumbe sibakhulekele khona impela emgqeni, kumbe noma ngabe yini i—iNkosi eyiholayo. Bese kuthi-ke okulandelayo, ngeSonto elizayo ebusuku, futhi, ngomunye umkhuleko wabagulayo, si. . . uma iNkosi ihlinzeka, futhi ithanda.

⁸ Bese kuthi-ke uLwesithathu ngukuthi, ngoLwesithathu ntambama ngizokhuluma e-Old Pisgah Home; uMfowethu Smith, ngiyacabanga, uSmith, ngikholwa ukuthi yigama lakhe, futhi umfowethu okahle kakhulu. Ngike ngaba yisithunywa senkolo naye phesheya kwezilwandle, futhi uyindoda eyodwa nje emangalisayo. Futhi ngicabanga ukuthi banohlobo oluthile lombuthano lapho, ngakho bengizokhuluma lapho ngoLwesithathu olulandelayo ntambama, bese-ke ngibuyela lapha okwezinkonzo zangoLwesithathu kusihlwa.

⁹ Bese kuthi-ke ngoMsombuluko olandelayo, sizama ukubona ukuthi singakwazi yini usuku olulodwa phakathi kwalokho nokufika kwaMfowethu Espinosa eSan Bernardino ngaphambi kokuba senyukele eBakersfield, noma, eduze kwaseBakersfield lapho inda. . . Yini igama lalokho, Mfowethu Gene na? IVisalia. Ngicabanga ukuthi babeneholo elikhulu, futhi balibeka phakathi kweFresno neBakersfield ukuze bakwazi ukuthola zombili izixuku, ngoba phakathi lapho kunabantu abavela kuwo omabili amadolobha amakhulu ofuna ukuza, futhi bavele nje bayibeka phakathi lapho eVisalia. Ngakho khulekani.

¹⁰ Bese-ke sisuka lapho siqonde ngqo e-Ohio, sibuyele ezweni elineqhwa. Futhi siba lapho ngokubambisana nama-Assemblies, nabazimele, nabobonke, ndawonye e-Ohio ehholo elikhulu. Bese kuthi-ke yini igama laleyondawo, Gene na? E-Ohio? IMiddletown, e-Ohio, yisikhungo sebhasiketholi.

¹¹ Bese-ke sisuka lapho sehle singene, ngiyakholwa, yiMonroe, eVirginia, noma ndawondawo, ezansi phakathi lapho, lapho okukhona cishe amayintshi ayishumi nesikhombisa eqhwa, kulobubusuku.

¹² Bese-ke siyabuya sisuka lapho, siye eBloomington, e-Illinois, ngeviki elilandelayo. Bese kuthi-ke kusukela lapho kuya ezinsukwini eziyishumi zokugcina, izinsuku eziyisishiyagalombili noma eziyishumi, eChicago eLane Tech lapho esiya khona isikhathi esiningi kakhulu, okuxhaswe yiFull Gospel Christian Business Men.

¹³ Khona-ke ngisekhaya ngolunye usuku, bese-ke ngiya enyakatho yeBritish Columbia, phezulu lapho iqhwa lijule khona ngempela. Futhi ngakho, ngisenhla lapho-ke eGrande Prairie, futhi ngicabanga ukuthi okulandelayo yiDawson Creek, bese kuba yiFort Saint John, lokho ukuma kokugcina ngaphambi kokuba ufike e-Anchorage, e-Alaska, amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu emuva ungene emenweni.

14 Manje-ke, uma iNkosi ithanda, ngiyabuya, futhi ukusuka lapho ngiya phesheya kwezilwandle. Bese-ke ngithemba ukubuyela ezweni lendabuko lapha ekwindla elandelayo ngesinye isikhathi, iNkosi ithanda, ngesinye isikhathi ekuqaleni kwekwindla ka-Okthoba, uNovemba, uma iNkosi ilibala, uma Ingalibali, uma Ingithatha ngaphambi kwalesosikhathi, ngiyohlangu nani ngaPhesheya. Uma Ilibala, ngiyoba nani, sizokwenyuka ukuYibona, niyabo, futhi senyukele ukuYihlangabeza emoyeni. Manje, lokho kungahle kwenzeke noma ngasiphi isikhathi, asazi, ngeke nje sasho.

15 Kodwa, futhi siyizithunywa zenkolo. Bengikhuluma nabanye kulokhu ukusa, futhi bebhuluma ngokuthi, “Ucabangani ngesimo saseMelika lapha na?” Kufana nje nakho konke okunye, izithunywa zenkolo, nokunye nokunye, sikholwa ukuthi i—imvuselelo ikwamanye amazwe manje, abantu laphaya.

16 Kuthi nje akube, niyazi, kunezinhlanzi *eziningi kakhulu* echibini, futhi lapho sekubanjwa eyokugcina, yilokho kuphela. UNkulunkulu angeke abeke umzimba okhubazekile. Angeke abe nesandla esineminwe eyisithupha kuwo. Niyabo? Kuyoba, lapho lowoMzimba usuqediwe, yilokho kuphela okwakho. Niyabo? Akunandaba ukuthi ushumayela kangakanani, noma Wenzani, lapho, akusekho okuzofika.

17 Ngakho, sekucishe impela kube ngaleyondlela ezweni lakithi lendabuko, bangane, yihora elesabekayo esiphila kulo, awukuqondi. Buza omunye umvangeli, ungathathi nje izwi lami, noma uqalaze ezweni lonke, ubone lapho obona khona izixuku ezinkulu ziza kuKristu. Awu, ungaphumela eBombay, eNdiya, futhi ushaye ikhwela imizuzu emihlanu ngeNkosi, noma ukhulume amagama amane noma amahlanu, nabantu abayizinkulungwane ezinhlanu balapho, bekhalela ukusindiswa. Kunjalo.

18 Bese kuthi-ke lapha sihambisana izindawo ngezindawo, futhi sidonse, futhi sicindezele, futhi sidonse, futhi sicindezele, akukwenzi nje... Yinye kuphela into abantu baseMelika abangayenza, lokho ngukuxhasa uhlelo laphaya. Banayo imali lapha, abanalutho laphaya, futhi abakwazi ukulukhokhela, kodwa bayafisa ngempela futhi bafuna ukuzwa. Yima emmangweni, amashumi ezinkulungwane ephuma evayizelisa, nje, “Uma nje ushumayela kithi eminye imizuzu emihlanu ngoJesu, yenza amazwi ambalwa nje!”

19 Ngakusho lokho, ngiyabona kukhona owesifazane oyiNdiya ohlezi lapha phambi kwami, kulobubusuku. Futhi ngabe u—ngabe uvela eNdiya na? O, eningizimu yeNdiya. Awu, kukhona ithuba elikhulu, uma iNkosi ithanda, kulo-Okthoba ozayo ngizoba sezansi ngaseCalcutta, na—naphezulu ngaseBombay, nasenhla lapho, mhlawumbe ngale

eThailand, futhi sethamba kanjalo. INkosi iyibusisile ngempela leyomihlangano. Bewungeke kwenzeke ube semhlanganweni waseBombay ngenkathi ngangilapho, wawukhona na? Ukugejile. Ngigagele uzwile ngakho. [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Uxolo? [Umfowethu uthi, “Bekuyizinto exakile eyenzekayo.”] Ngabe kunjalo na? Awu, lokho bekumangalisa. Bekungumhlangano omkhulu lapho, uNkulunkulu ngempela wababusi abantu bakini.

²⁰ Futhi angisoze ngawukhohlwa lowomhlangano ngalobobusuku eBombay, inqobo nje uma ngisaphila. Bona—bona, ngenkathi ngihlangabezwa nguMbhishobhi webandla leMethodisti, nabaningi babaholi, futhi—futhi babengafuni ngingene ngaphansi kwaloloxhaso engangngaphansi kwalo. Futhi bona... Sengiyithathile imali yalaba besifazane nabesilisa abampofu ukuba ngiye laphaya, futhi ngiqinisekile ukuthi bengizokhonza ngenkathi ngiselapho, empeleni, ukuba imenenja ikuxove mayelana no—nohlu lohambo, noma uxhaso. Kodwa, o, he, angikaze ngibone abantu abanengi kangaka beza emhlanganweni empilweni yami; nemeya yedolobha yayingaphandle.

²¹ Futhi lokho kungenkathi impumpethe ithola ukubona kwayo imi lapho, ngenkathi ngiphosela inselelo bonke abakaMohamede, futhi bonke, “Wozani, mnike ukubona kwakhe, futhi ngizokukholwa,” niyabo. “Makuthi uNkulunkulu...” Wayengumkhonzi welanga, manje, amehlo akhe ayengasaboni, wakhonza okudaliweyo esikhundleni soMdali. Ngathi...

²² Ngangisezansi ethempelini lamaJain, niyazi, na—naba, noBuda, nabobonke lapho, bona, izinkolo eziyisikhombisa noma eziyisishiyagalombili ezehlukene, futhi zonke ziphikisana noJesu Kristu, futhi zazingakholelwa kukho.

²³ Ngakho ngalobobusuku, ngenkathi kufika leyonselelo enkulu, kwakukhona bonke behlezi lapho, ngathi, “Manje, nansi indoda ebiyimpumpethe iminyaka engamashumi amabili, futhi nicabanga ukuthi ngifunda umqondo wayo,” niyazi, amadoda angcwele, niyazi, kanjalonjalo, abakhonzi. Ngase ngithi, “Ucabanga ukuthi ngukufunda ingqondo, ukuthi ukufunda ingqondo yayo, ngiyitshela ukuthi igama layo lalingubani.” Bengingakwazi ngisho ukulibiza, kwadingeka ngilipele. Niyabo? Futhi ngakho, ngathi, “Bekunjalo lokho.” Futhi yayiyindoda enabantwana ababili, umkayo, noyedwa umfana enesishiyagalombili, nomunye eneshumi, noma into ethize efana naleyo.

²⁴ Ngathi, “Manje, nicabange ukuthi lokho bekungukufunda ingqondo. Manje, uma lokho kungukufunda ingqondo, khonake woza lapha, angazi lutho ngokufunda umqondo, uma kunjalo, uyisihlakaniphi kukho, angazi lutho ngesayense ephathelene

nengqondo, woza lapha futhi uyinike ukubona kwayo, futhi ngizokulandela.” Ngathi, “Inkolo kaMohamede inkulu kakhulu, naleKorani iqinisile,” ngathi, “khona-ke makuthi umpristi kaMohamede eze lapha futhi ayinike ukubona kwayo, futhi ngizoba ngokaMohamede.” Niyabo?

²⁵ Ngathi, “Manje, nginiphosela inselelo, nonke, eGameni likaJesu Kristu, ukuba nize niyinike ukubona kwayo.” Bengingeke ngikusho lokho ukuba ngangingawubonanga umbono ukuthi yayizokwemukela ukubona kwayo, kodwa ngiyazi ukuthi kwakukuphi. Leso kwakuyisigejane esithule kunazo zonke owake wazizwa, izinkulungwane, ngani, kungithathe amahora amabili ukucindezela ngedlula ngemoto ukuba ngenyukele lapho.

²⁶ Futhi ngakho, indoda imi lapho, ngase ngithi, “Ithe iyokhonza uNkulunkulu oyinika ukubona kwayo.” Ngathi, “Leyo yinselelo enkulu kakhulu enkolweni kaMohamede, uBuda, amaJain, amaSikh, kumbe noma kungaba yini, nakho-ke.” Ngakho, akukho-muntu owanyakazayo. Ngathi, “Nithuleleni kangaka na?”

²⁷ Ngathi, “Uyasazi isizathu sokuba bengezi na? Yingoba abakwazi ukukwenza. Kanjalo nami angeke, kodwa uNkulunkulu waseZulwini uyivusile iNdodana yaKhe, uJesu Kristu, engingufakazi waYo.” Niyabo? Ngathi, “Ngabona umbono ukuthi i—izothola ukubona kwayo.” Futhi ngathi, “Uma ingakutholi ukubona kwayo, khona-ke ngingumprofethi wamanga, ngixosheni eNdiya. Uma kungukuthi... uma ithola ukubona kwayo, manje bangaki kini abazokwemukela uKristu njengoMsindisi oqondene nawe, futhi ukhohlwe ngumprofethi wakho kaMohamede, kanjalonjalo na?” Ngokubona kwakho nje, izinqwaba zezandla, izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane. Kwakulapho-ke, yilokho-ke.

Ngayiqhweba, ngatshela umhumushi ngathi, “Ungakuhumushi lokhu.”

²⁸ Ngathi, “Baba waseZulwini, yi—yiNtaba iKarmeli futhi.” Ngathi, “Ubungeke uvumele iZwi laKho lehlulwe, ngoba Ungikhombise indoda ebizokwemukela ukubona kwayo.” Ngathi, “Makuthi uNkulunkulu Ongikhombise umbono wamehlo ayo evulekile, Makayivule amehlo.” Futhi yamemeza kakhulu, futhi lapho yayikwazi ukubona kahle njengoba ngingabona, noma ubani omunye, yagijimela kwimeya yedolobha.

²⁹ Ngadingeka ngisuke emsamo, ngangingenazo izicathulo ngenkathi ngiphuma lapho, namaphakethe esukile ezimpahleni zami zokugqoka. Futhi babenohide olukhulukazi lwabantu, Ngi—ngiqagele onogada, noma okuthize, babenalezozinduku ezinde, niyazi, bebabambe babaqhelisa kanjalo. Nalabobantu babebagxoba ngezinyawo zabo, ngaphansi kwemilenze yabo,

ukuba nje bakuthinte, bagaqazele ngaphezu kwemihlane yabo. Ngadingeka ngilishiye idolobha, angizange ngisho, asikwazanga ukuphuma edolobheni ngenxa yokuba nokuvikelwa.

³⁰ Nalowomuntu ufakazile phambi kombusi, noma, i... Kuyini...? Umongameli, ngicabanga ukuthi kunjalo, phezulu lapho. Nemeya yedolobha yayingufakazi wakho, nganginegama layo, nginalo kwelinye lamaphakethe ami manje, ngiyacabanga, ezansi ehhotela labahamba ngezimoto, elinye lamaphakethe ebhantshi lami.

³¹ Futhi bangimemile ukuba ngibuyele phezulu kuphi na? ENew Delhi? ENew Delhi? INew Delhi, ngicabanga ukuthi yiyo, lapho abanenkundla yemidlalo yeshashalazi lapho bangafaka abantu abayisigidi kuyo. Ngakho, ngithemba ukubuyela emuva. UsenguNkulunkulu. Amen. Akaguquki neze. Ihora liyeza.

³² Futhi njengoba ngishilo kulokhu ukusa enkulumweni, uma umuntu eke waya kulawomazwe futhi athole isidingo salabobantu, khona-ke sizizwa sinamahloni ngathi. Futhi kukhona amadoda laphaya eshumayela iVangeli, ukuthi ibandla lethu elincane lesekela abanengi ngakho konke esingakwenza, amanye alawo madoda eshumayela iVangeli engafake zicathulo. Kunjalo. Izithunywa zenkolo zishumayela iVangeli zingafake zicathulo, mhlawumbe ipuleti elincane likakhari cishe kabili ngeviki, zigijima zidabula emenweni, nandawo zonke, zizama ukushumayela iVangeli, futhi thina sakha izakhiwo zamadola ayizigidi eziyisithupha, futhi, sengathi sizoba lapha kuze kube phakade, nokushumayela ukuFika kweNkosi sekuseduze, akuwenzi umqondo kimi. A—a—a—angifuni ukuqala kulokho, sikwenye indaba, niyabo.

Manje, izolo kusihlwa . . .

Ngaphambi kokuba sisondele eZwini, asisondele kuMqalisi ngomkhuleko. Asikhothamise amakhanda ethu.

³³ Baba wethu waseZulwini, sibuthene futhi, kulobubusuku, eGameni leNkosi uJesu Kristu, uMsindisi wethu onothando, iNdodana yaKho. Sibuthene eGameni laKhe, ngoba Wethembisa ukuthi uma ababili noma abathathu beyobuthana eGameni laKhe, futhi bacele noma yini, njengokuthinta into eyodwa, bafanele bakwemukele. Manje, Baba, singaphezu kwalesosibalo, kodwa kukhombisa nje ukuthi ukuzimisela kwaKho ukuhlangabezana neBandla, akunandaba ukuthi kungakanani engcosaneni ngesibalo, Usazohlangana nabantu baKho. Futhi siyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi Uzoza futhi usibusise.

³⁴ Kusasa, ngeSonto, izinkulungwane zamapulpiti zizovulwa emhlabeni jikelele kusasa, Nkulunkulu, ezinye zawo sezivele zivuliwe kwamanye amazwe, yiSonto ekuseni kwamanye amazwe, siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzogcoba abefundisi baKho, ndawo zonke. Gcoba izithunywa zaKho zenkolo noma ngabe zikuphi. Izinceku zaKho ekhulekela abagulayo,

Nkulunkulu, kwangathi zingagcotshwa kakhulu ukuthi izibonakaliso ezinkulu nezimanga zizokwenziwa, ndawo zonke, kuwo wonke umuntu wawo onke amabandla, nakuzo zonke izigaba zobuKristu.

³⁵ Nkosi, kwangathi kungafika isikhathi lapho uNkulunkulu ezothulula uMoya waKhe ngangokuthi, ukuthi abagxeki bazohlehliswa, neBandla likaNkulunkulu ophilayo lizobuthana ndawonye, njengesikhukhukazi sibuthela amachwane aso. Siphe khona, Baba.

³⁶ Sikhulekela lelibandla elivule iminyango ukuba lisingenise lapha. Siyakhuleka kusasa Uzobusisa umelusi, othisha bakaSonto sikole, ikhwaya, nayo yonke imisebenzi yalo, abantu nje balo, amadikoni alo, abaphatheli, noma yini okunye. Kwangathi ekuseni, lapho bebuthanela iklasi likaSonto sikole, kwangathi izibonakaliso ezinkulu nezimanga zingafezeka, kwangathi uMoya oNgcwele ungawela esakhiweni, imvuselelo iqale, uhlatshwe ngaphansi kwamandla kaNkulunkulu, enqamule izitezi, yonke indawo, kube yisibonelo nje ngasedolobheni lokho uNkulunkulu angakwenza lapho abantu baKhe behlangana ndawonye futhi babuthane ukuba bakhuleke.

³⁷ Ngibuka phansi, kulobubusuku, phezu kwalomfowethu oyiNdiya, nalona wesifazane, nabantwana abancane, ngibonga kakhulu, Nkosi, ukuthi—ukuthi—ukuthi balapha kanye nathi, kulobubusuku, ukusikhombisa nje, Nkosi, ukuthi ngempela, kulotshiwe eNcwadini ukuthi uNkulunkulu akabheki bala labantu. Futhi Wena—Wena—Wena uhloniphekile kubo abayoKukhonza futhi baKwesabe ezizweni zonke. Sibonga kakhulu ngalokhu, ukuthi UnguBaba womhlaba wonke kithi sonke, uBaba oPhakade. Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzothumela izibusiso zaKho zaPhakade phezu kwethu, kulobubusuku.

³⁸ Sithethelele izono zethu, njengalokhu nathi sibathethelela abasonayo, kwangathi kungebebikho neyodwa impande yokubaba esele ezinhliziyweni zethu, nomaphi. Kwangathi uMoya oNgcwele ungahlanza izimpilo zethu nonembeza wethu ukuthi leliZwi, esilungiselela ukuliveza, lingahle livele ligcotshwe ngoMoya. Kwangathi Linga...Soka izindebe ezikhulumayo nezindlebe ezizwayo, ukuze Lingaweli emhlabathini ongajulile, noma phezu kwamadwala ukuba lithwalwe yi—yizinyoni zezulu, kodwa kwangathi Lingawela komuhle, umhlabathi ocebile wokukholwa futhi lithele ngokuphindwe ngekhu. Siphe khona, Nkosi. Sikunikela konke kuWe, nathi uqobo nakho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

³⁹ Kade ngijabulela lemilayezo qobo lwami, engikutholayo kuyo ngo-Abrahama. Yi...Niyayijabulela na? U-Abrahama.

Futhi ngisondele kukho, angazi ukuthi uzothini, ngoba uMoya oNgcwele uhola nje usuka kwenye into uye kwenye. Futhi siyakujabulela ngempela. Thina, izolo, ebusuku bakuthangi, sibe naye ngenkathi ebizwa nguNkulunkulu; izolo ebusuku ngenkathi simbona, ubezahlukanisile e... ukulalela ngokugcwele. Futhi sithola ukuthi ungeke wabusiwa noNkulunkulu angeke akwenzela lutho, uze uMlalele ngokuphelele.

⁴⁰ Manje, kungabakhona nje umyalo omncane engingawusho kwabagulayo: Ungahle uze lapha, ukhulekelwe, ungahle ube neziNgelosi ukuba zibeke izandla phezu kwakho, futhi akusoze kwenza neyodwa into kuwe, uze ukukholwe kuqala, futhi ukwemukele, futhi ukuvume, ngokuba UngumPristi oMkhulu wokuvuma kwethu. Sifanele sikuvume kuqala, ngaphambi kokuba Akufakaze phambi kukaNkulunkulu, ngokuba UngumPristi oMkhulu, lapho ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu kwalokho Asenzele khona.

⁴¹ Manje, yini ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu na? Ngabe kusho ukuthi, manje, ukuthi sifanele silinde kuze kube kusasa ebusuku ukuba siphulukiswe na? Qhabo, mnumzane.

“Ngabe ngifanele ngize ebandleni na?”

⁴² Qhabo, mnumzane. Umzuzwana nje ukholwa nguNkulunkulu futhi ukwemukele njengempahla yakho siqu, sekuphelile ngayo leyonkathi. Kunjalo.

“Ngaphulukiswa nini, Mfowethu Branham na? Ngisindiswe ngeviki eledlule; ngisindiswe ebusuku bakuthangi; eminyakeni eyishumi edlule.”

⁴³ Wasindiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula ngenkathi uJesu efela wena eKalvari. Futhi sonke isibusiso sokuhlenga uNkulunkulu anaso ngawe, uJesu wathi esiphambanweni, “Kufeziwe.” Yonke into isikhokhelwe. Njengoba nje, wawusesitolo esibolekisa ngemali kuthathwe isibambiso, noNkulunkulu uyafika futhi wakukhipha.

⁴⁴ O, isifundo esihle kulokho, singahle sifinyelele kuso ngeviki elizayo sikaRuthe noNawomi, umhlengi oyisihlobo. Leso yisifundo esihle. Abaningi kakhulu. . . IBhayibheli lonke lihle, futhi nje konke okwaLo ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu.

⁴⁵ Manje, umzuzwana ongamukela ukuphulukiswa kwakho noma insindiso yakho, uma wehla ngomgwaqo, uma wena u, noma ngabe ukuphi, umzuzwana nje ukwemukela, yilapho uphendulwa khona.

⁴⁶ Ngangigunda utshani lapha cishe sekwedlule unyaka, egcekeni lami, futhi—futhi bengizama, ngesinye isikhathi ubuyofanele ugqoke ama-ovaloli ami bese usika amahlandla ambalwa, bese-ke kungena omunye, uyodingeka uhambe

ubakhulekele, uphume ngomnyango ongemuva futhi ushintsha bese uyabuya. Futhi nje ngaphelelwa upetroli, futhi ngakho-ke ngaqala ngenyukela egosini, futhi ngabona endala, itrakhi egugile ima phambi kwendlu, nabanumzane abahloniphekile beza benyuka ngesitaladi, lapho, umgwaqwana ongena ekhaya omncane, futhi wathi, “Ngifuna uMfowethu Branham.”

Futhi ngathi, “NginguMfowethu Branham.”

Wawabuka lawoma-ovaloli, nayo yonke into, wathi, “Yebo, mnumzane?”

Ngathi, “Kunjalo.”

Futhi ngakho, wathi, “Awu, Mfowethu Branham, bengifuna nje ukukubona umzuzwana, ngiqagele umatasatasa.”

Ngathi, “Angikaze ngibe matasatasa kakhulu ukuba ngikhulume ngeNkosi.”

Futhi wathi “Awu . . .”

Ngathi, “Ungengene na?”

Wathi, “Qhabo, ngizovele ngihlale lapha egosini.”

⁴⁷ Wathi, “Mfowethu Branham,” wangitshela ukuthi wayevelaphi, wathi, “ngazalwa futhi—futhi ngabusiwa, noma ngahlukaniselwa,” noma ngabe bakubiza ngani, “njengeLuthela,” wathi, “ngiqagele, ngenkathi ngisengumfanyana. Lokho kwaba yisikhathi sokugcina engake ngaya ngaso esontweni engaziyo ngakho, ngaphandle uma umama engithathe ngesinye isikhathi engangingazi lutho ngakho.”

⁴⁸ Wathi, “Ngishadelwe,” usomabhizinisi okahle kakhulu, wathi, “benginenqwaba yezinto, inqwaba . . . ibhizinisi lezimoto elihle, futhi ngenze izinqwaba zemali.” Wathi, “Ngolunye usuku umkami wehlela kumaPentecostal,” ngizokucaphuna ngendlela enza ngayo, wathi, “wehlela kumaPentecostal, futhi wathola imiMoya kuye.” Futhi wathi, “Yena” wathi, “wayene—nempilo enhle.”

⁴⁹ Futhi wathi, “Uza kimi futhi wazama ukungithatha ukuba ngihambe, futhi afake imiMoya kimi, ngase ngithi, ‘Qhabo,’” wathi, “Ngathi, ‘S’thandwa, uma ufuna ukuhamba,’” wathi, “‘qhubeka, noma kanjani.’” Wathi, “‘Manje, khumbula, uma uguqula impilo yakho . . .’”

⁵⁰ Wathi, “Sa—sasiphila eyejwayelekile, impilo yaseMelika, amaphathi eziphuzo ezixutshiwe, imidanso, ukudakwa, nakho konke okunye.” Futhi wathi, “Ngajabula ukumbona eqonda.” Wathi, “Wakwenza, kwenza umuntu ohlukile kuye.” Futhi wathi, “Ngacabanga, ‘Awu, uma—uma enza lokho, ngi—ngijabula kakhulu ukuthi uyakwenza.’”

⁵¹ Futhi wathi, “‘Manje, unalo ibhuku lesheke, noma ngasiphi isikhathi ibandla lakho elincane lidinga noma yiyiphi imali,

igama lakho lihle nje eshekeni njengelami, qhubeka, abhale.” Futhi wathi, “Kodwa ngami, a—angisiye owenkolo,” Wathi, “Uma ufuna ukuba ngowenkolo, qhubeka.”

⁵² Futhi washo ukuthi, “Awu wayekulelobandla elincane cishe unyaka.” Futhi wathi, “Babenengqungquthela enhla eTennessee.” Ngakho, ngicabanga ukuthi kwakuyiChurch of God of Prophecy, yilapho aba—banezingqungquthela zabo phezulu lapho. Futhi ngakho, wathi wenyukela lapho.

⁵³ Wayesethi, “Ngangithengisa, imoto, phakathi, phandle e—endaweni,” wayesethi, “kwamanye amanenekazi,” futhi wathi, “ngagqoka ibhantshi lami, ngesikhathi sasehlobo,” wathi, “ngiphume phambi kwabo ukuthengisa.” Futhi wathi, “Ngenkathi ngibuya, kwenzeka ngacabanga, ngabe ngimnikile lowo wesifazane leyo sethi yesibili yokhiye na? Futhi ngafaka isandla sami ephaketheni lami,” futhi wathi, “Nganginethegi encane eyisikwele phakathi lapho, yayinophawu lombuzo, futhi ngemuva kwayo, kwakuthi, ‘Uyolichithelaphi iPhakade na?’” Awu, wathi, “Ngabheka ngase ngicabanga, ‘Awu ngiyamangala ukuthi ubani ofake leyo ephaketheni lami na?’ Futhi nje wayiphosa ngale kubhasikidi kadoti.”

⁵⁴ Futhi wathi, “Into ethize yathi kimi, ‘Kodwa lokho kuzofanele kuxazululwe,’” wayesethi, “Ngafinyelela phansi, ngayicosha futhi,” wayesethi, “ngathuthumela, futhi ngacabanga, ‘Kunjalo. Sengedlule emashumini amane eminyaka ubudala, ngakho bengifanele ngithole ukuthi ngizolichitha kuphi.’”

⁵⁵ Futhi wathi—wathi, “O, manje buka lapha, uthola nje konke kuxovekile.” Ngakho waphinde wayiphosa phansi futhi, wazama ukujika, wavula isishayisa moya, kanjalonjalo, futhi wathi wabheka emuva kuleyo futhi, kwakulokhu kunkeneneza nje enhliziyweni yakhe, “Uyolichithelaphi iPhakade na?” Wayicosha okwesithathu. Futhi wathi kwamenza wethuka kakhulu waze nje wangakwazi ngisho . . . waya ekhaya.

⁵⁶ Wathi wezwa ukuthi umvangeli odumile, uBilly Graham, wayeqhele ngesifunda esisodwa nje ukusuka kuye, ebanbe umhlangano, wathi waya ngale kulowomhlangano, wacabanga ukuthi uzoxoxa ngakho noMnu. Graham. Futhi wathi, “UMnu. Graham wayenomlayezo ogqamile ngalobobusuku, futhi wathi, ‘Wonke lowo ofuna ukwemukela uJesu Kristu, sukuma futhi uphakamise isandla sakho.’”

⁵⁷ Wathi, “Ngasukuma, ngaphakamisa isandla sami.” Wathi, “Bangingenisa ekamelweni, base bengitshela, ‘Ngabe ngikholiwe ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu na?’ Futhi ngathi, ‘Yebo, ngiyakholwa.’ Futhi bangitshela, phezu kokukholwa kwami, okwangenza umKristu, futhi bathi, ‘Sekuphelile konke manje.’”

Wathi, “Mfowethu Branham, kodwa bekungaphelile konke.”

58 Futhi wathi, “Ngaphuma, ngase-ke ngiya kwenye indawo, nabantu wayebizwa ngamaFree Methodisti.” Futhi wathi, “Bangitshela ukuthi ngangifanele ngithole ukungcweliswa, futhi ngijabule futhi ngimemeze, khona-ke kuyobe sekuphelile konke.” Futhi wathi, “Bahlala nami,” futhi wathi, “Ngajabula, ngangcweliswa, futhi ngamemeza, futhi kwaku...” Kodwa wathi, “Bangitshela ukuthi, ‘Sekuphelile konke.’ Kodwa,” wathi, “kwakungenjalo.”

59 Futhi wathi, “Ngase-ke ngiya kumfowethu oyiPentecostal odumile, onqamula isizwe emuva naphambili,” elinye leqembu lePentecostal elikhulu kunawo onke, futhi lathi, “wathi, ‘Sewake wakhuluma ngezilimi na?’ ‘Qhabo.’ Lathi, ‘Khona-ke awukamemukeli uMoya oNgcwele.’ Lathi, ‘Khona-ke buyela kwelinye itende, futhi wemukele uMoya oNgcwele.’”

60 Wathi, “Babenomoya omuhle kakhulu kimi, basebenza nami, nakho konke.” Futhi wathi, “Ngahlala phakathi lapho, kwakukhona abanye babo abahlala nami ebusuku kakhulu.” Wathi, “Ekugcineni, amandla ehlela kimi, futhi ngakhuluma ngezilimi.” Futhi wathi, “Futhi ngiyaphuma,” wathi, “umvangeli, ngahamba ngayombona ngosuku olulandelayo, wathi, ‘Sekuphelile konke.’” Futhi wathi, “Mfowethu Branham, kwakungakapheli konke.”

61 Futhi wathi, “Ngase-ke ngi—ngisuka lapho ngehlela e, ngisuka lapho,” wathi, “Nga—ngaya kwi *Voice of Healing*.” Futhi wathi, “Ngenkathi ngifika kwi *Voice of Healing*,” wathi, “Ngaba nabo bonke labobazalwane lapho,” futhi wathi, “bangitshela ukuthi ngangiwela umugqa ohlukanisayo empilweni yami, ukuthi yayingekho indawo yami. Bathi, ‘Oyedwa kuphela okuqondisayo,’ bathi, ‘hamba uyobona uMfowethu Branham, ungumprofethi.’” Manje, lokho kuyiphutha, kodwa, “Bathi, ‘U—ungumprofethi, uzokwazi ukubuka phansi futhi abone lapho oweqe khona umugqa, futhi mhlawumbe ubuyela emuva futhi wenze okuthize, kukhona ongakwenzanga, noma, kungcono uhambe uyombona.’”

Wathi, “Mfowethu Branham, ngilapha.”

62 Ngase ngithi, “Awu, Mfowethu,” ngathi, “angisuye umprofethi.” Ngathi, “Kodwa iNkosi ingivumela ngehlukhanise izinto ukuba ngisize abantu, esincane, isipho esithobekile.” Ngathi, “Kodwa a—angizibizi ngomprofethi.” Ngathi, “Kodwa—kodwa awumdingi umprofethi ngalokho, udinga nje ukuqondiswa, yilokho kuphela. Awu...”

63 Ngathi, “Manje, kukhona engifuna ukukubuza khona.” Ngathi, “Lokho uBilly Graham akutshela khona kwakuyiqiniso,” futhi ngathi, “nalokho amaMethodisti akutshela khona kwakuyiqiniso, nalokho amaPentecostal akutshela khona kwakuyiqiniso, kodwa kwakungesilo lonke iqiniso.” Niyabo? Ngathi, “Kwakuyiqiniso, kodwa hhayi lonke.”

64 Ngathi, “Ngiyakholelwa ekwemukeleni uKristu njengoMsindisi oqondene nawe, ngiyakukholwa lokho; ngiyakholelwa ekungcwelisweni, nokuhlanza impilo, nokuthola ukujabula nokumemeza, ngiyakukholwa lokho; ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi, embhaphathizweni kaMoya, futhi ngiyakholelwa kukho konke lokho,” kodwa ngathi, “lokho akusikho impela esikhuluma ngakho.”

Ngathi, “Kukhona engifuna ukukubuzwa khona.” Ngathi, “Manje, khumbula, uthe iminyaka engamashumi amane yempilo yakho awenzanga lutho.”

65 Wathi, “Mfowethu Branham, ngithengise yonke imoto enginayo futhi ngiyinika abashumayeli nabavangeli. Ngenze konke engikwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, ngenze ukubuyisana ngalokho engikwenzile empilweni yami.”

66 Ngathi, “Lokho bekungadingekile, ubungadingekile ukuba wenze lokho.” Niyabo? Ngathi, “UNkulunkulu akazange akudinge ukuba wenze lokho.” Ngathi, “Ungeke ukhokhe indlela yakho ungene, akusiwo umqondo lowo.” Kodwa ngathi, “Umusa waKhe uyakungenisa.”

Wathi, “Awu, ngifanele ngenzenjani na?”

67 Ngathi, “Akukho-nto, akukho ongakwenza.” Ngathi, “Ungitshelile ngeminyaka yokuqala engamashumi amane yempilo yakho, ukuthi wawungenandaba noNkulunkulu, kodwa wacoshisa isiqephu esincane sephepha esasithi, ‘Uyolichithelaphi iPhakade na?’ noKuthize kwathi, ‘Lokho kuzofanele kuxazululwe,’ ubungeke udlule kukho. Manje, ubuhamba wehla ngomgwaqo ngalendlela, futhi khona manjalo waqala emuva ngalendlela. Awuzange umkhathalele uNkulunkulu, uqale ukubuyela emuva uMzingela.” Ngathi, “Khona lapho, lapho owenze khona ukujika lakho, yilokho impela okukushintshile, khona lapho.”

Wathi, “Khona-ke benginakho ngaso sonke isikhathi na?”

Ngathi, “Impela.”

Wathi, “Awu, makabongwe uNkulunkulu!” Niyabo?

68 Hhayi phezu komuzwa othize, kodwa ukukholiwe yini? Niyabo? Yilapho one—one...Niyabo, manje akunandaba ukuthi mingaki imizwa yokungcweliswa...Kungumuzwa ukungcweliswa, kungumuzwa ukwemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kodwa lapho wemukela uKristu njengoMsindisi wakho, lokho kuyakujikisa. Akekho umuntu. . .

69 UJesu washo kuJohane oNgcwele 5:24, cabanga ngakho, idlanzana namadazini amabili amaqanda, niyabo, 5:24: “Ozwa iZwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, uno,” inkathi yamanje “ukuPhila okuPhakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Nakho lapho

okhona. Niyabo? Khona lapho uyajikiswa. Leyo yingxenyeyodwa kaMoya oNgcwele.

⁷⁰ Ukungeweliswa kungenye ingxenyey kaMoya oNgcwele. Khona-ke lapho ugcwala kakhulu ngaWo ngangokuthi akukho okunye ongakwenza, njengoba uMfowethu Rowe asho, Ukunika olunye ulwimi-ke. Futhi uzama uku...Uyakugewalisa nje, kodwa kuthatha uMoya oNgcwele. "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Nakho lapho okhona.

⁷¹ Ngakho, lapho unokuncane, ukuncenceza okuncane enhliziyweni yakho ukuba uze kuKristu, kwenze masinyane, ngoba leyo yinto enkulu kunazo zonke eyake yenzeka kuwe, ngokuba uNkulunkulu akubizele eSidlwini sakusihlwa soMshado weNdodana yaKhe, angazi lutho olukhulu ngokwedlulele.

⁷² Manje, endabeni yethu, u-Abrahama, simshiye izolo ebusuku emva kokuba esedlule ekuvinyweni okukhulu. Futhi uSara wayenqume ukuthi wayezomnika uHagari abe ngumkakhe, futhi wazala ingane futhi wayibiza ngo-Ishmayeli. Futhi u-Abrahama wayesalokhu azi ukuthi lokho kwakungalungile, ngakho wahamba phambi kukaNkulunkulu. Kwakuyicebo likaNkulunkulu lokukwenza, kodwa uNkulunkulu wayemethembise ingane ngoSara. Futhi manje wayeseneminyaka eyikhulu ubudala, noSara wayenamashumi ayisishiyagalolunye.

⁷³ Futhi wahamba phambi kukaNkulunkulu, noNkulunkulu wabonakala kuye, futhi uza kuye ngeGama likaNkulunkulu uSomandla, okungukuthi igama lesiHeberu lapho lisho ukuthi "El Shaddai, uSomandla." Futhi sathola, ukuhlakaza lelogama, *Shad* ngesiHeberu kusho, "ibele." *Shaddai* kwakuchaza, "uNkulunkulu onamabele," uNkulunkulu onamabele ukuthululela amandla okuqina aKhe uQobo kubantwana baKhe abakholwayo. Lapho begula, lapho bebuthakathaka, lapho umoya usesimweni esibi, Uthululela amandla okuqina aKhe kubo, lapho bebamba isithembiso saKhe esinamabele futhi baqala ukudonsa, kulezozithembiso, amandla okuqina.

⁷⁴ Oqinile onamabele, o, ngicabanga ukuthi leso yisithombe esihle kakhulu. Niyabo, induduzo enje pho endodeni endala, eneminyaka eyikhulu ubudala, isamile esithembisweni sikaNkulunkulu! Manje, iBhayibheli lathi base begugile impela, e, sebekhulile impela. Indoda endala, eyayibambelele esithembisweni sikaNkulunkulu; futhi yathi, "NginguYe onamabele, futhi awungaphezu komntwana omncane otetemayo."

⁷⁵ Isizalo sikaSara sasesomile iminyaka engamashumi amane, kwase kwedlule esikhathini sakhe sokuya esikhathini amashumi amane, iminyaka engamashumi amahlanu ngaphambi

kwalokho, kwakungakaze kwenzeke esikhathini mhlawumbe, wayelapho-ke, yonke imithambo kuye yase yomile, futhi wayeyinyumba. Futhi—futhi yena njenge—njengoba eyindoda, wayesefana nofile, wayengaseyona *indoda* kuye ngaleyondlela. Futhi lapho wayeyindoda endala, nomkakhe esemdala ngempela, noNkulunkulu wathi, “Kodwa NginguMama,” amen, “NginguMama, thatha nje, qhubeka ubambebele esithembisweni saMi futhi ulokhu udonsa, ngiyakwazi ukukwenzela okuthile.” O, ngiyakuthanda lokho.

⁷⁶ Futhi ukumkhombisa ukuthi Wayezokwenzani, Waguqula igama lakhe esahlukweni 17, futhi Waguqula igama likaSara. Kunjalo. Bhekisisani lawomagama, kusho okuthile. Kungani Aguqula igama likaJakobe laba ngu-*Israyeli* na? Kungani Aguqula igama likaSawulu laba ngu-*Pawulu* na? Kungani Enze zonke lezozinto na? Emva kokuba Esenqobile futhi wangena eNkazimulweni, Wathi iGama laKhe laguqulwa. ESambulweni, kunikezwa isithembiso kulabo abanqobayo, Uyokwenza laziwe iGama laKhe elisha. Kunjalo. Njalo lapho benqoba, babenikwa igama elisha.

⁷⁷ U-Abrahama, ngenkathi ekugcineni enqoba, wathathwa egameni lika-Abrama, wathi, “Awusayikubizwa ngokuthi u-*Abrama*, kepha uyakubizwa ngo-*Abrahama*.” Umnika ingxenye yeGama laKhe, wabethela iGama laKhe kulo, u-*Elohim*. Y-e-n-a no h-a-m, u-*Elohim*. Ngamany’amazwi, “NginguBaba wezinto zonke,” niyabo, “futhi Ngikwenza ubaba wezizwe, ngakho Ngiguqukile, futhi ngikunika ingxenye yeGama laMi, *uyise wezizwe*, h-a-m.” Niyabo? Elohim, Abrahama. Lowo umusho omuhle, senake nacabanga ngalokho na? Umvangeli omkhulu namhlanje, ogama linguGraham, G-r-a-h-a-m, uBilly Graham, cabanga ngakho. Ukuthi kanjani uNkulunkulu emseni waKhe, ukuthi Wazi kanjani ngaphambili, nezinto Azenzayo!

⁷⁸ Manje, qaphelani ukuthi Wenzani lapho, Waguqula u*Sarayi* waba ngu*Sara*. Igama lika*Sarayi*, u*Sarayi*, kuya ku*Sara*. Qaphelani lapho, u*Sara* kuchaza ukuthi, “inkosazana.” Futhi wayengu, “yise wezizwe.” O, akukuhle lokho na? Kulelokhehla nesalukazi, iminyaka eyikhulu ubudala manje, isithembiso silungiselela ukugcwaliseka.

⁷⁹ Manje, sithola ukuthi emva kwalokhu, u-Abrahama wayene. . . wahlukaniswa, waphuma futhi wathola umfowabo, uLoti, wambuyisela phakathi. Futhi ngenkathi enza, wamletha esitheni esasizombulala, wambuyisa, ecabanga, mhlampe, mhlawumbe uzophuma manje, futhi azehlukanise nazo zonke izinto zezwe. Esikhundleni salokho, wabuyela ngqo wehlela eSodoma; njengengulube ekuzibhixeni kwayo, nenja ebuhlanzweni bayo, kubuyela emuva ngqo futhi.

⁸⁰ Yilapho ebenginameka khona *kakhulu* lokho. Thola... nge... Akunandaba ukuthi nginameka kangakanani kukho,

kuzokwenza, noma kanjani. Kodwa ngoSuku lokwaHlulelwa ngenkathi lokhu kuqoshwa okuthathwe eZulwini, khumbula, kuzophendula kuphikisane nawe. Kunjalo.

⁸¹ Ibandla lePentecostal, libanda futhi ligcina umthetho ngegama, libuyela ngqo ezinjulweni zalo okukhulu kwenhlangano, futhi, “Inqobo nje uma singabebandla, yilokho kuphela okudingekayo.”

⁸² Ufanele uzalwe ngokusha, ufanele ube noMoya, ufanele ube nemisebenzi, izibonakaliso nezimanga, kanjalonjalo, njengoba uNkulunkulu ethembisile, futhi yilapho engibona khona ibandla liphola.

⁸³ Akunandaba ukuthi ngishumayela kangakanani ngokumelana nakho, bengingama futhi ngithi abesifazane bangagqoki izikhindi, abesifazane bangaphunguli izinwele zabo, bazokwenza, noma kanjani. Ngingathi amabandla amaPentecostal lifaka imali ezintweni ezinkulukazi, futhi lithola imfashini, futhi lihlela, futhi linqumela ngaphandle bonke abanye, njengoba kwenza amanye amabandla nje, awa ngaphambi kwabo, bazokwenza, noma kanjani, uNkulunkulu wathi bayokwenza. Kodwa engizama ukukwenza, ngidluthule, futhi ngihlwithe, futhi ngidonse ngisuke lapho.

⁸⁴ Namhlanje emhlanganweni, ngenkathi ngishumayela, uMoya oNgcwele wehlela phezu komfana omncane, futhi uza lapho, futhi wakhuluma ngolwimi lwesiFrentshi, engazi nelilodwa igama lesiFulentshi. Nendoda imi lapho, yayingayazi incazo, ababili babo, oyedwa ubengumhumushi we-UN, wakhuluma, noMoya oNgcwele wakhuluma futhi waqinisekisa ukuthi uMoya oNgcwele ubungithumile ukuba ngihambe ngenze lomsebenzi, futhi ngihlale ngithembekile kuwo, futhi ahlale nawo kungakhathaleki ukuthi into iyini. Bayobe bekufunda eyodwa...Niyabo, kukhombisa ngqo phakathi kwabantu bePentecostal. Yebo, mnumzane.

⁸⁵ Mfowethu, qaphela, balekela eDwaleni, ungene eNdlini yokuphephela. “IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla, olungileyo ugijimela kuWo, futhi baphephile.” Izindonga ezinkulu zaseBabiloni ziyabhidlika.

⁸⁶ Njengaphesheya eNdiya ngenkathi ninokuzamazama komhlaba lapho, ngiqagele, unyaka nje engingena ngawo, kube cishe eminyakeni eyisithupha edlule. Ngacosha iphepha, iphepha lesiNgisi, lathi, “Ngqiqagele u—ukuzamazama komhlaba sekuphelile.” ENdiya, abanazo izintango ezinhle, nezinto, njengoba nonke ninazo lapha, bacosha amadwala futhi benze izintango. Izilwane zima zizungeze lapho ethunzini lokuhlwa, izinyoni ezincane zingena lapho futhi zakhe izidleke zazo.

⁸⁷ Ngolunye usuku babone zonke izinyoni ezincane zindiza zisuka, zibaleka, nazo zonke izinkomo zangangena, zime ngasezindongeni, kanjalonjalo, zaphumela phakathi nensimu

futhi zama zincikene elangeni. Bamangala ukuthi kwakuyini indaba. Kwase kuthi-ke ukuzamazama komhlaba okukhulu kwamazamazisa indawo, kwamazamazisa izindonga zawa phansi.

⁸⁸ Kwenzekani na? Zonke izinyoni ezincane, uma zazikade zikulezo zingoxe ezincane lapho, zazibulewe. Izilwane zazikade zimi ngaphansi kwalezozintango ezinkulu zamadwala nezindonga, zaziwela kuzo futhi zizibulale. Kwakuyini na? UNkulunkulu, ngokuzibonela ngokwemvelo, ezazisa ukuthi ukuzamazama komhlaba kwakuza, zabalekela ekuphepheni. Uma uNkulunkulu... UNkulunkulu ofanayo owababizela emkhunjini, wayebabizile basuka odongeni, UguNkulunkulu ofanayo.

⁸⁹ Awu-ke, uma uNkulunkulu engasebenzisa inkomazi, nehhashi, nemvu, nenyoni ngokuzibonela ngokwemvelo ukubalekela ulaka oluzayo, kungcono usuke kulezizindonga ezinkulu ezindala zaseBabiloni futhi ubalekele kuJesu Kristu, ngoba lizobhidlika futhi liwe ngolunye lwalezizinsuku. Niyakhumbula, kwakukhona iTshe elaqheshulwa entabeni kungengazandla, lifika lingingqika liyongena eBabiloni, futhi lidliza nomaphi lapho Elaya khona. Nemibuso yalelizwe iyowa ngokuqinisekile nje. Wonke umbuso owenziwe ngumuntu uzofanele ucwile, ukuze uMbuso kaNkulunkulu uthathe ilungelo lendlela.

⁹⁰ Yonke inhlango eyenziwe ngumuntu izowa futhi idilikele othulini, ukuze amandla kaMoya oNgcwele athathe iBandla futhi aLihlwithele kuleyoNdawo phezulu ngaphezulu. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Ba... Yonke into iyifezile inhloso yayo, kodwa sisesikhathini, mfowethu, lapho uNkulunkulu ebiza abantu baKhe baphume. ITshe elaqheshulwa entabeni kungengazandla liyagingqika lingena, liphahlazela phansi iBabiloni, liqhubekela ngale ngqo. Suka ezindongeni ezinkulu, mngane, woza ungene kuJesu Kristu, yileyoNdawo kuphela yokuphepha noma isiphophelo engisaziyo.

⁹¹ Siyabona lapho ukuthi u-Abrahama, ngenkathi ethola lokho uNkulunkulu ayefuna akwenze, Wambusisa futhi waguqula igama lakhe, futhi waguqula igama likaSara, ubanika i—i—isithembiso esiqinisekile ukuthi lokhu kwakuzokwenzeka, khona-ke siyamthola, ngikholwa ukuthi kusesahlukweni 18, simthola ehlezi phandle ensimini e, ndawondawo ogwadule, indlela enzima.

⁹² He! O, angazi ukuthi kungani lokho kuqhubeka kuphuphuma kimi. Ngi... Thethelelani, qhabo, ningangithetheleli, manje, lokho—lokho bekungaba yiphutha. Kungani kunjalo, bazalwane na? Ngimile, lapha esikhathini esingaside esedlule, phakathi kwesigejane esikhulu samadoda amahle, amaPentecostal, ngase ngithi, “Ninikeza izimfakazo

ezingalungile. Nihlala nikhuluma ngokuthi uNkulunkulu unibusisa kanjani, zingaki izinto ezinkulu eninazo, bangaki oCadillac eningaba nabo, nakho konke kanjalo, lokho kwehluke kakhulu impela, lokho iPhentekoste lokuqala elaliyikho, bathengisa ngakho konke ababenakho, futhi bakunika abampofu, futhi baphuma beshumayela iVangeli. Kukhona okungalungile, ndawondawo.” Kunjalo impela.

⁹³ Kwakukhona umfo owavukayo, wathi, “Futhi Mfowethu Branham, lelo kwakuyiphutha elikhulu kunawo onke abantu abake balenza.” SasiseJamaica. Uma noma ubani elapha, Mfowethu Bonamore, ngiqagele khumbula, angazi noma uMfowethu. . . ya, wayenami, hlezi laphaya ngalobobusuku.

⁹⁴ Ngathi, “Uqonde ukungitshela ukuthi ucabanga ukuthi uNkulunkulu wenza iphutha na? UNkulunkulu akalenzi iphutha, umuntu oholwa nguNkulunkulu. Baholwa nguNkulunkulu ukwenza lokho.”

Wathi, “Kwase kuthi-ke ngenkathi kufika ukuhlushwa, babengenalo ikhaya abangaya kulo, ngiqagele ucabanga ukuthi kwakuyiphutha lelo.”

⁹⁵ Ngathi, “Ngiyakudabukela! Ungazi lutho okunye, kade usePentecost kade njengoba ubunjalo, ungazi lutho ngoNkulunkulu kunalokho. Yilokho impela uNkulunkulu ayefanele akwenze, babengenalutho abangabuyela kulo, bahamba yonke indawo, besakaza uMlayezo ezweni lonke. UNkulunkulu uyazi ukuthi Wenzani.”

⁹⁶ Mabaholwe, impela. UNkulunkulu akalenzi iphutha, nguwe nami esenza amaphutha, uNkulunkulu akalenzi. Lapho uzwa uholwa nguMoya, qhubekela phambili, qhubekela phambili, yiba ulokhu uqhubeka nje.

⁹⁷ Lapha u-Abrahama, wayengekho ezansi eSodoma, ebona ukuthi kungakanani ayengakuthola, wayephezulu lapho emasimini ekulaleleni uNkulunkulu. Mhlampe uSara wayengenazo izingubo ezintsha uNkk. Loti ayenazo, wayengahambisananga nazo zonke izimfashini, nokho bathi kwakungekho-wesifazane ezweni owayemuhle njengaye. Wayengumama, futhi naye wayemthanda umyeni wakhe kahle kakhulu ngangokuthi akazange ampintshe izingubo zakhe futhi aphumele esitaladini, futhi aqhubeke ngendlela uNkk. Loti wesimodeni enza ngayo, nezinto ezinjalo, wabiza umyeni wakhe uqobo ngenkosi, neBhayibheli lathi, “eningamadodakazi akhe, inqobo nje uma nilalela iZwi.” Kunjalo.

⁹⁸ Wayelapho-ke. Futhi siyababona phandle lapho, izikhathi bempofu, imihlambi yehla, yonke into yayibonakala injalo, kodwa u-Abrahama wayehlezi esithembisweni. Amen.

⁹⁹ Yilapho esenza khona amaphutha ethu, mfowethu. Akusizo izinhlangano zethu ezenza iphutha, yithina enhlanganweni esenza iphutha. Niyabo? Kulungile inqobo nje uma wena,

uma uzohlala esithembisweni, kodwa lapho ungena kulezizinto uqala ukuba yisitashi, ufuna ukuziphathisa okwezwe lonke. Yingalesosizathu uNkulunkulu ehamba asuke kuyo.

¹⁰⁰ Ngibuka ebusweni bomunye wosomlando abakhulu kunabo bonke okhona e-United States, futhi ngizokutshela, uMfowethu Paul Boyd, ohlezi khona *lapho*, futhi ngizokutshela into eyodwa, ngikhombise ichashaza elilodwa lomlando lapho ibandla lake langena enhlanganweni, uma lingawanga, futhi alangaphinda lavuka futhi. Kuthole. Akukaze, akusoze, akusiyo intando kaNkulunkulu. Sizongena kulokho ngeviki elizayo.

¹⁰¹ Qaphelani, kodwa manje, njengoba siqhubeka singena no-Abrahama, u-Abrahama uhlala ezweni, wahlala khona lapho, lapho uNkulunkulu amtshela khona. Futhi inqobo nje uma wayesahlezi lapho, uNkulunkulu wayenaye, ngenkathi ephuma ezweni, isiqalekiso sehlela kuye. Ngokushesha nje lapho usuka esithembisweni sikaNkulunkulu, khona-ke lungela inkathazo nje. Kunjalo impela.

¹⁰² Manje, sithola ukuthi ngoluny'usuku wayehlezi phandle lapho. Ake sikunike umdlalo wasesiteji omncane ukuze lababafo abancane lapha bengakwazi ukukubamba. Manje, ngibona u-Abrahama ehlezi emnyango wethende ngokunye ukusa, kwakukhona isihlahla esikhulu som-oki phambi kwendawo yakhe lapho. Bathi um-oki usamile, banawo ugcinekile, bathi, awu, lapho lapho ayegxumeke khona ithende lakhe, phandle lapho ogwadule.

¹⁰³ ULoti wayesezansi lapho, he, futhi ngiqagele ukuba babekade benento enjalo, wayeyoba nesigazu esikhulu, nemeya yedolobha, niyazi. Futhi uNkk. Loti, namadodakazi akhe, nabo bonke bezungeza kuyo yonke imibukiso yemfashini, bebuka iTV, futhi-futhi benze iphethini emva kwe-i-izitayela zalezozinsuku. Kodwa uSara wama ngokweqiniso, u-Abrahama wama ngokweqiniso, bahlala noNkulunkulu, bahlala phandle lapho.

¹⁰⁴ Manje, kwenzekani na? Ngolunye usuku u-Abrahama esahlezi lapho, cishe ngeleshumi nanye nqo emini, sengiyabona, wabuka, anyuka edabula lapho, futhi nakhu kufika amadoda amathathu enothuli ezimpahleni zonke zawo, ehamba.

¹⁰⁵ Uyazi kukhona okuthize ngakho, ungadlula ngqo ngasesibusisweni sikaNkulunkulu futhi ungakwazi, uma ungakhulekisisanga. Ngicabanga ngalokho, wakhulekisisa.

¹⁰⁶ Kwakukhona omncane, owesifazane ongumIrishi ofika evela e-Ireland, esikhathini esingeside esedlule, futhi bathi wayesemkhunjini futhi waye...Ngapho cishe, o, cishe ngesikhathi babefika eNew York isishingishane esikhulu sakhukhula sawela ulwandlekazi, nomkhumbi wawuthumela nje amaSOS, futhi wawutshuza nje usuka endaweni uye endaweni.

¹⁰⁷ Amabhendi ayekade edlala, ayekade enza wonke umculo wokuzibinya ayengawenza nakho konke kanjalo. Futhi baqala, ibhendi yaqala ukukhuleka, ukaputeni wathi, “Wonke umuntu akakhuleke, wonke umuntu akakhuleke, indlela owenza ngayo ebandleni lakho.” Futhi bona, amabhendi aqala ukudlala elithi *Mangisondezuwe, Nkulunkulu Wami, KuWe*. Futhi bonke baqala ukuqhubeka.

Omncane, owesifazane ongumIrishi uqala ukuhamba ehla enyuka kwiphansi lendlu.

¹⁰⁸ Futhi ukaputeni wathi, “Uma kuphela singabamba lesi siphapho imizuzu engamashumi amathathu, sizongena esikhumulweni semikhumbi, siqathaze ihange.” Wathi, “Kodwa uma singenakuwubamba imizuzu engamashumi amathathu,” wathi, “sizoba phansi ekugcineni kolwandle.”

Lowo omncane, owesifazane ongumIrishi wathi, “Udumo kuNkulunkulu! Haleluya!”

Ngakho ukaputeni wenyuka, wathi, “Nenekazi, ukuqondile engikushilo na?” Wathi . . .

Wathi, “Ngikuqondile ngokusobala, mnumzane.”

Wathi, “Ngithe emizuzwini engamashumi amathathu kusukela manje singahle sibe sekujuleni kolwandle, uma singakwazi ukubamba imizuzu engamashumi amathathu kulesisiphapho.”

Wathi, “Ngikuqondile ukuthi ubuqonde ukuthini.” Wathi, “Haleluya! Akabongwe uNkulunkulu!”

Wathi, “Awukhuleki ngani na?”

Wathi, “Ngikhulekisisile, angisadingi ukwenza okunye ukukhuleka.” Wathi, “Ngikhulekisisile kwasekuqaleni nje.”

Awu, wathi, “Kungani ubungathi *haleluya* kanjalo, futhi wazi ukuthi unganahle ube phansi ekugcineni kolwandle na?”

¹⁰⁹ Wathi, “Mnumzane, ngisendleleni yami ngisuka e-Ireland ukuyibona indodakazi yami ehlala eNew York.” Wathi, “Nginendodakazi eNkazimulweni nenye eNew York, uma sehlela phansi, ngizoyibona leyo phezulu Lapho, uma sehla, ngizoyibona leyo lapho, ngizobona enye yawo emizuzwini engamashumi amathathu.”

¹¹⁰ Kunjalo. Wakhulekisisa! Amen. Yileyondlela yokuhlala, khulekisisa, kulungele. Wayezohlanguka nenye yawo emizuzwini engamashumi amathathu. Wayekwazi noma ngabe ikuphi . . . Akwenzanga mehluko kuye, phezulu Lapho, noma ezansi lapha, akuzange . . . uzobona enye yawo emizuzwini engamashumi amathathu. Manje, lokho kuhle, lokho kukahle. Yileyondlela iBandla elifanele libe yiyo ngaso sonke isikhathi, likhulekisisile.

¹¹¹ U-Abrahama wakhulekisisa, ehlezi phandle lapho. ULoti wayengazi, mhlawumbe, ezansi phakathi lapho, ukuthi kwakwenzekani phandle lapho ogwadule. Kodwa ngenkathi u-Abrahama ebuka, kwakukhona okuthize ngaleyoNdoda ihamba iphumela lapho ngaphambili ukuthi yabona lokho kwakubukeka kuxakile kancane. O, he! INdoda ebukeka ixakile, yagijima yaphuma, futhi uma niqaphela, yona impela into yokuqala yathi, “Ami,” hhayi “MaKhosi ami.” Impela ngiyehluka kulowomfowethu ongumJuda owenza lokho kuphawula ngobunye ubusuku eShreveport. Hhayi “MaKhosi ami,” kodwa, “Nkosi yami.” N-k-o-s-i, yunye. “Yami,” usonhlamvukazi N-k-o-s-i, “Ungengene yini.”

¹¹² Manje, noma yimuphi kini uyamqaphela umhumushi lapho na? Lowo kwakungu-Elohim, u-Abrahama waMbiza. WaMngenisisa, wathi, “Ungengene, uhlale phansi na? NgizoKukhela amanzi amancane, ngizogeza izinyawo zaKho. Thatha ucezu lwesinkwa.” Futhi wathi, “Khona-ke Wena, yenelisa isifiso saKho—saKho, khona-ke Ungaqhubeka nomaphi lapho Uya khona.”

Sengathi ngiyabona nje engingena ngesinyelela, futhi uthi, “Sara, Sara, *sh!* Othile uphandle lapho, lungisa ufulawa, ngokukhulu ukushesha, noma, impuphu yombila.”

¹¹³ Futhi bangaki abake babona isisefo na? Ngabe ukhona abesifazane lapha...? Awu, nivela kuyiphi ingxenye yeKentucky na? Ngangivame ukubona uMama nalesosefo esidala, aye emphongolweni wempuphu, futhi sasinento encane eyindilinga, njengekesi likashizi nofefo lwasewindini ngaphezu kwephansi laso, bese esicwilisa *kanje*, futhi wayenocwezu olusasikhonkwana oludala phakathi lapho, wayehlikihla izigaxa lapho impuphu endala iba manzi. Senake nakubona lokho kwenziwa na?

¹¹⁴ Niyazi, ngoluny’usuku, ngathengela umkami umshini wokugaya ikhofi ezansi lapha, omunye wayo ungacishe uzigaye wena uqobo. Ngani, angikaze ngigaye nakanye kusukela ngisengumfanyana. Ngi...Kwakuvame ukuba ngokwami, futhi ngihlanze ushimula wesibani, niyazi, ngingene lapho nenkulu inyanga endala nesikhova kushimula wesibani. Niyabakhumbula na? Ngangifanele ngihambise izandla zami ezansi lapho futhi ngibahlanze.

¹¹⁵ Futhi ngibona u-Abrahama egijima edlula, futhi uthi, “Uthi, thola, uxove okunye kwe—kwe—kwempuphu khona manje, futhi ukulungiselele, wenze amaqebelengwane eziko.” Waphuma futhi waba nenceku ukuba ithathe ithole futhi ilihlinze, futhi iphume futhi iphakele lamaDoda.

¹¹⁶ Manje, enza sengathi ayeyizihambi, ayevela kwelinye iZwe, futhi ayedlula nje. Futhi ngakho, ngiyabona nje, mhlawumbe ukuthi u-Abrahama wathola isihlahla sokuphunga izimpukane

esidala futhi waphuma lapho, niyazi, ufanele aphume futhi aphunge i. . .

117 Bangaki owaziyo ukuthi yini isihlahla sokuphunga izimpukane na? Manje ngiyazi kunabaseKentucky lapha, manje. Yebo, mnumzane. Ngiyakhumbula lapho abahambisanayo befika, sasibabeka phandle lapho, futhi sithathe lesosihlahla sokuphunga izimpukane esidala, futhi ngadingeka ngime, ingalo yami endala bandla yayicishe nje yephuke, *kanjalo*, nje ngiphunga izimpukane, ngenkathi uMama esapheka. Bese-ke, kamuva, uma eduze kwalesositofu bese usula umjuloko, futhi, nalelobrashi lempukane, niyazi, wenza *kanje*, ukuze izimpukane zingafinyeleli ngalapho sithi *chi*. Sakhuliswa sihlupheka.

118 Futhi ngakho, uthathe ibhotela nokhilimu, bese ukubeka phansi endlini yobisi, noma, hhayi indlu yobisi, kodwa indawo endadlana, ugxumele ezansi lapho, bese ukumboza ngaphezulu, imbiza, niyazi, nobisi luba. . . ukhilimu uthi ukujula *kangako*. Ngangena ngesinyelela lapho izikhathi eziningi, ngathola inkomishi yakho, ngenkathi ezama ukukonga. O, ini, kwakumnandi!

119 Manje, sithola ukuthi u-Abrahama wathatha lokhu kudla phandle lapho wayesekubeka phansi phambi kwalamadoda, futhi ayadla. Manje, u-Abrahama wayelangazelela ukwazi ukuthola ukuthi uhambo lwawo lwaluyini, ngoba wayazi ukuthi Eyodwa yawo lapho, Leyo enkulu, kwakunguNkulunkulu. Wayazi ukuthi Leyo kwakunguNkulunkulu, waYibiza ngo-*Elohim*. Ngakho manje, kwakumeleni na?

120 Sithola ukuthi amabili awo aphakama abe eseqhubeka ehlela eSodoma, ayehlela lapho ukuyoshumayela, nokubizela ngaphandle labo ababeyobizelwa ngaphandle. Futhi siyabona ukuthi ngenkathi yehlela lapho futhi iqala ukushumayela, ukuthi awezenzanga izimangaliso eziningi, avele abashaya ngobumpumpothe. Lokho kwaku. . . Ukushumayela iVangeli kushaya ngobumpumpothe.

121 Kodwa kwakukhona, manje khumbulani, kunezigaba ezintathu, njalo. EkwaHlulelweni sithola ukuthi uMlobokazi ubuya noKristu; kuDanilyeli, izinkulungwane eziyishumi eziphindwe ngezinkulungwane eziyishumi zafika noMdala wezinsuku, ukwaHlulela kwabekwa, nezincwadi zavulwa; nenye iNcwadi yavulwa, eyayiyiNcwadi yokuPhila. Niyabo, intombi elele yenyukela ukwaHlulelwa. Nencwadi yabangamesabi uNkulunkulu yavulwa, futhi Wehlukana izimvu ezimbuzini. Kodwa iBandla elihlwathiwe libuya naYe.

122 UJesu ufika kathathu: Wafika kuqala ukuzohlenga uMlobokazi waKhe, Ufika okwesibili ukuMhlwatha, Ufika okwesithathu kanye naYe; ukuhlenga uMlobokazi waKhe, ukwemukela uMlobokazi waKhe, nokubuyisa Yena kanye noMlobokazi waKhe njengeNkosi neNdlovukazi phezu

komhlaba, ahlale phezu kwesikababa waKhe, esikaDavide, isihlalo sobukhosi.

¹²³ Futhi manje, siyazi kunezigaba ezintathu zabantu ngaso sonke isikhathi. Siyakuqaphela namhlanje, bekukhona iLuthela, iMethodisti, amaPentecostal. Kukhona isoni, engamesabi uNkulunkulu, intombi elele, nentombi yeqiniso, njalo. Manje, sithola ukuthi kwakukhona abaseSodoma; kwakukhona uLoti, ibandla elisivivi; futhi lapha kwakukhona u-Abrahama, wayezehlukanisile nabo, futhi wayehlala ngokwehlukana. Manje, lona impela igama elithi *ibandla* lisho “ukwehlukana.”

¹²⁴ U-Israyeli wayengabantu bakaNkulunkulu baze bangena ehlane, futhi ngokubizelwa ngaphandle, khona-ke kwase kuyiBandla likaNkulunkulu. *Ibandla* kusho “ababizelwe ngaphandle, babekwa eceleni.” Futhi u-Abrahama wayeyiBandla elikhethiwe; uLoti wayeyintombi elele, noma ibandla ngegama nje; bese kuthi-ke kwakukhona isoni, abaseSodoma.

¹²⁵ Manje bhekisisani, abaseSodoma, nabagcina umthetho ngamehlo ezansi lapho, uLoti esimweni sakhe ngegama nje, manje, wayeyindoda elungileyo, akungabazeki, Kwathi, “Izono zomuzi zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe olungileyo.” Kodwa kwakukhona iBandla elikhethiwe, elibiziwe, elamiselwa ngaphambili nguNkulunkulu, u-Abrahama, wabizwa eseneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlana ubudala, enikezwe isithembiso, ukuvumela ukuthethwa kwecala kuthi kuyoba yikho impela. Lindani size sifike ngale phambidlana lapha, lapho Akwenza khona kwaqiniseka ngempela.

¹²⁶ Kulungile. Wamtshela ngomntwana ayezoba naye, no-Abrahama akazange angabaze ngesithembiso sikaNkulunkulu. Akunandaba ukuthi mangaki amadola engeziwe abekwe phansi lapha, nokuthi wayengaceba kanjani eSodoma, nalokho ayengakwenza, wahlala noNkulunkulu, wagcina isithembiso, lelo yiBandla elikhethiwe. Kukhona abanye babo kumaMethodisti, abanye kumaBaptisti, abanye kumaPentecostal, iBandla elikhethiwe liyobizwa liphume kuwo onke amaqembu. Kunjalo. Yilowo ozwa iPhimbo.

¹²⁷ Ngenkathi uJesu efika, iNkosi uJesu Kristu, kungani bengaMqondanga na? Abakuqondi neze kuze kuba isikhathi sesihambile.

¹²⁸ Abazange bazi ukuthi u-Elisha wayengumprofethi kaNkulunkulu. Ngani, bathumela abantwana babo ukuba bamgcone, bambiza ngompandlana, ngoba waba nempandla ngenkathi esengumfanyana. Babengazi lutho, babengakholwa ukuthi wayeyinoma yimuphi umprofethi, impela babengazi.

129 Abakukholwa neze. Akashongo yini uJesu ukuthi, “Niyizindonga ezicakiweyo, ni-nipholisha izindonga zabaprofethi, futhi yinina enibafake lapho?”

130 Bukani uJeremiya, u-Isaya, noma yimuphi wabaprofethi, abakuqondanga kwaze kwaphela konke. Futhi ngenkathi uJohane efika, babengazi ukuthini... UJesu washo qobo lwaKhe, “Lowo kwakungu-Eliya okwakhulunywa ngaye.” Futhi babekwenzile, benza kuye ababekubalile, futhi ngisho nabafundi babengazi ukuthi kwakunguye, uJohane wayeyilowo-Eliya.

131 Futhi ngenkathi uJesu efika, babengazi ukuthi WayenguJesu, abaMqondanga ukuthi unguKristu, kodwa labo ababemiselwe ukuPhila okuPhakade, “Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi,” bayaliqonda.

132 Ake sehle, uPatrick oNgcwele, nina bantu abangamaKatolika enimbiza ngeKatolika, ngifisa sengathi beningaveza umlando wakho. Wayengesilo iKatolika, wabhikishela umbhishobhi eRoma. Kunjalo impela. Isikole sakhe sasisenhla eNorthern Ireland. Wayengakholelwa kulokho kulawula komuntu oyedwa, wayekhohlelwa ekulawuleni kukaMoya oNgcwele. Yebo, mnumzane. Wayekhohlelwa futhi embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, nokukhuluma ngezilimi, na—namandla kaMoya.

133 ONgcwele—ONgcwele... Bengizama ukuthini na? UColumba wenza into efanayo, uMartin oNgcwele wenza into efanayo, u-Irenaeus, into efanayo, bonke babekhohlelwa emandleni kaNkulunkulu, ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, emandleni kaMoya oNgcwele, bonke labo abangcwele basekuqaleni.

134 Khona-ke babenesigejane sababhishobhi esasiyisitashi, futhi babefuna ukwenza inhlangano, futhi bahlela ibandla, futhi bahlanganisa isono nezinye izinkolelo-ze zebandla ndawonye, futhi benza inhlangano yabo. Kulokho kuza inhlangano engumama, kuleyo kuza zonke ezinye ziphuma kuyo ngqo.

135 Funda iSambulo 17 futhi ubone ukuthi akusiso yini, isifebekazi esingumama, namadodakazi akhe ayeyizifebe. Yini *isifebe* ngaphandle *kwesifebekazi* na? Into efanayo. Yini eyenza lokho na? Ephinga ngokomoya emelene noBaba weqiniso, uMyeni weqiniso, ethatha izimfundiso nezivumokholo ezenziwe ngumuntu, ethatha abantu, egcina umthetho ngamehlo nje, ebangenisa kokudala, ukukhonza ngegama nje. Sikhonza uNkulunkulu ngoMoya nangeQiniso, uNkulunkulu ufuna abanjalo ukuba benze kanjalo. Yebo. Impela, kunjalo.

136 Manje, sithola ukuthi u-Abrahama, u-Abrahama wahlala phandle lapho, wayengokhethiwe, iBandla elibizelwe ngaphandle. Futhi khumbulani, uMuntu owayesenyameni yomuntu, uMuntu udla inyama yethole, Waphuza ubisi

oluvela enkomazini, Waphuza isinkwa futhi wayene bhot-... ucla isinkwa futhi sasinebhotela kuso, ephuza ubisi oluvela enkomazini, no-Abrahama waMbiza ngo*Nkulunkulu*. Bukani, thatha... Bukani abahumushi, nikwehlise, nithole ukuthi ngabe kunjalo yini, u-Elohim, u*Nkulunkulu*. Manje, ngifuna niqaphele, kwakumelele into ethize, into ethize esifuna ukunivumela, ngokuyikho, niyibone.

¹³⁷ Manje qaphelani, khona-ke sithola ukuthi ngenkathi amadoda amabili ehla, abashumayeli behla ukuyoshumayela, iziNgelosi ezimbili zehla ukuyoshumayela eSodoma, abazange bakwenze lokhu, lento, isibonakaliso, ukuthi behlela lapho futhi bakhombisa isibonakaliso sabo, ukuthi beza ukubakhipha, kodwa kwakungesiso isibonakaliso esifanayo iBandla elikhethiwe elasithola.

¹³⁸ IBandla elikhethiwe lathola esinye isibonakaliso. Futhi manje qaphelani, lokho iBandla phandle lapho elakuthola, Lowo owasala neBandla elikhethiwe, niyakhumbula ngenkathi Ekhuluma na? Wathi, “Abrahama,” wambiza ngegama lakhe elisha u*Nkulunkulu* ayesanda kumnika lona, “Abrahama, uphi uSara na?” US-a-r-r-a, igama lakhe elisha. Ngani, WayenguYe owabanika lona! Ya.

¹³⁹ Omunye wathi, ngenze isitatimende isikhathi esiningi, wathi, “Mfowethu Branham, awukholwa ukuthi lowomuntu wayengu*Nkulunkulu* na?”

¹⁴⁰ Ngathi, “IBhayibheli lathi Wayengu*Nkulunkulu*.” Niyabo? Wakwenza. UnguMdali, Angenza noma yini Afuna ukuyenza. Wavele nje wacosha ipetroliyamu, nokukhanya komhlaba nezulu, nekhaliyamu, nepotashi, futhi, “*Whushu!*” wakuphephethela kuwo, wase engena emzimbeni, wehla. Yileyondlela impela Akwenza ngayo, WayeneziNgelosi lapho ngeindlela efanayo. Angenza into efanayo.

¹⁴¹ Savelaphi na? Ubani owenza umhlaba na? Wayithathaphi into yokwenza umhlaba ngayo na? Ngitshela ukuthi Waphuma futhi wakuthola kuphi. Wona impela umhlaba esihlezi kuwo uyiZwi lika*Nkulunkulu* elibonakalisiwe. Lelipulpiti liyiZwi lika*Nkulunkulu*, *leli* yiZwi lika*Nkulunkulu* libonakalisiwe. UNkulunkulu wakukhuluma, futhi UnguMdali, futhi Wakwenza ngezinto ukuthi, hhayi, kwakungekho lapha ukukwenza ngakho, Wakudala. Unenhloso, Angadala, Angenza noma yini Afuna ukuyenza, Ungu*Nkulunkulu*.

¹⁴² U-Abrahama waMbiza ngo*Nkulunkulu*, WayeyiLowo-ke. U-Abrahama ubefanele azi, wakhuluma naYe, kade ekhuluma naYe yonke impilo yakhe, ngiqagele ubefanele azi ukuthi WayenguBani. Ya. Impela. Wamtshela, “*Ngi, Ngizogcwalisa lesisithembiso eNgakwenzela sona.*” Wayengubani Lowo owakhuluma naye emuva lapho na? “*Ngi, NginguYe,*” Washo. Futhi qaphelani, manje-ke ngenkathi...Wathi, “Abrahama,

uphi umkakho, uSara na?" Abrahama, hhayi *Abrama*, *Abrahama*.

143 Futhi uNkulunkulu, esahlukweni esedlule, wayesanda kumnika lelogama lika-Abrahama. Babengenawo amaphephandaba namathelevishini ne-nezinto ngalolosuku, u-Abrahama wayephandle lapho yedwa, phandle lapho, yena nomkakhe nabantu bakhe—bakhe, izinceku zakhe. Futhi ngakho, uNkulunkulu wayebonakale kuye, futhi waguqula igama lakhe, neNgelosi yambiza ngo-*Abrahama*, waguqula igama likaSarayi laba nguSara, futhi yabiza igama lakhe ngoSara, "Uphi umkakho, uSara na?"

144 Yayazi kanjani ukuthi wayeshadile ngisho na? Yayazi kanjani, iyisiHambi, ukuthi igama lakhe kwakungu-Abrahama na? Yayazi kanjani ukuthi Waguqula igama lakhe lisuka ku-*Abrama* liya ku-*Abrahama* na? Yazi kanjani ukuthi Wayeguqule uSara waba nguSara na? Futhi kanjani...? Noma, uSarayi kuSara. Yazazi kanjani lezizinto na?

Futhi u-Abrahama wathi, "Usethendeni emva kwaKho, emuva *lapho*."

145 Yathi, "Ngizokuvakashela, Abrahama." Ngamany'amazwi, "Ngakwethembisa ukuthi BeNgizokunika lomntwana, futhi ulikholiwe iZwi laMi, manje Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila, futhi uzoba nalengane."

146 Futhi uSara, elalele izindaba zabantu ngemuva, washo phakathi kwakhe, manje, washo ngaphakathi kwakhe, manje khumbulani, phansi enhliziyweni yakhe, "Ngingake ngibe nokujabula, mina isalukazi, esineminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, ugogo, ukhokho-kakhokho-kakhokho-kagogo, nomyeni wami, omdala, inkosi yami phandle lapho, isindala, isineminyaka eyikhulu ubudala, futhi lapha sengineminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, futhi ngiyoke ngibe njengowesifazane osemusha futhi na?" Wacabanga, "*Ha!* Kuyahlekisa lokho!" Futhi wahleka.

147 NeNgelosi yathi, "Uhlekeleni uSara na?" Futhi akusikho lokho kuphela, kodwa Yathi, yaphinda amazwi ku-Abrahama, lokho uSara akucabanga enhliziyweni yakhe, "Wathi, 'Kungenzeka kanjani na?'" Amen! Nakho lapho okhona. Ihlezi Ifulathele ithende! Khona-ke uSara wayesaba ngempela, wayekubonile ayekwenzile. "Uhlekeleni uSara, ethi phakathi kwenhliziyo yakhe, 'Ngingabuye ngibe nokujabula kanjani nomyeni wami na?'" Kodwa amaZwi aYo aqiniswa, YayinguNkulunkulu.

148 Manje, kwakuyini na? Manje, uJesu wabhekisela kuleyonto efanayo, futhi wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

149 Manje qaphelani, "Aniphumi ngani futhi nishaye lezo zikhungo zenzwa enkulu na?"

¹⁵⁰ Angithunyelwanga kulezozikhungo zezinzwa; eBandleni elikhethiwe, yilapho-ke. Abasoze bakukholwa, ngiyazi ngimi lapha ngesikhathi sasebusuku ngenkathi nginalokho kubona okufihlakele ngobunye ubusuku, futhi ngikuzwe khona manje, baningi phakathi lapha abangakukholwa lokho. Ungangitsheli, ngingabiza igama lakho. Kunjalo. Ungangitsheli. Kunjalo. Kunjalo, ngiyakwazi ukugula kwakho, uNkulunkulu angangitshela khona lapha ukugula kwakho, impela. Ngiyakuzwa. Kungani uzama ukwenza umzenzisi ngakho na? Kungani ungabi yilokho oyikho ngempela na? Into eyodwa, uyesaba, angikusoli, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa.

¹⁵¹ Kodwa ngifuna wazi ukuthi imiBhalo awusiyo imfihlakalo, njengoba abanye benu bashumayeli nicabanga ukuthi kunjalo, Akusikho ukufunda ingqondo. UNkulunkulu abe nomusa emphefumulweni wakho onesono! Awulidingi ipulpiti, udinga i-altare. Kunjalo. Lungisana noNkulunkulu. Khumbulani, izwi elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, noma ezweni elizayo. Manje, wena uthi, “Akusimina.” Ungangitsheli ukuthi ungubani, ngiyazi. Niyabo? Yebo, mnumzane. Ngakho manje, lalalani, ngiyanixwayisa nje. Khumbulani, uNkulunkulu wethembisa ukuthi lokho kuyokwenzeka. Amen.

¹⁵² Qaphelani, Wathi...Bhekisisani, kwakuyini na? UNkulunkulu enyameni yomuntu. Futhi uNkulunkulu wayezoZimela, futhi, enyameni yomuntu, ngaphambi nje kokufika kweNdodana yomuntu. Yiphi inyama na? Inyama yakho, inyama yami. UNkulunkulu, ehla evela eZulwini, uNkulunkulu elangazelela inhlanganyelo. Kanjani abantu...! Kubonakala sengathi kuningi kakhulu isayense yezenkolo yengqondo ngakho, uyehluleka ukuthola ukwehlukhanisa kukaMoya.

¹⁵³ Njengomfo wayezama ukungitshela ngolunye usuku ngokuba ngoNkulunkulu abathathu, uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. UYise uyisimiselo sesikhathi sikaYise, kwakungesibo oNkulunkulu abathathu, izikhundla ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo, ubuBaba, ubuDodana, uMoya oNgcwele, uNkulunkulu ofanayo kulowo naLowo. Kwakungadingeki ukungabi naMkhandlu waseNayisiya walokho. NguNkulunkulu, uNkulunkulu ofanayo njalo, uNkulunkulu oyedwa. WayesebuBabeni, yingalesosizathu uMathewu athi, “Nibabhaphathize egameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Hhayi oNkulunkulu abathathu, uNkulunkulu oyedwa ezikhundleni ezintathu, uYise, iNdodana noMoya oNgcwele, izingxenyane ezintathu ezingahlukaniseki. Impela.

¹⁵⁴ WayeseNsikeni yoMlilo njengoNkulunkulu, uJehova, Yena, akekho owayengaMthinta, isono sasikude kakhulu kuYe, Akakwazanga ukusondela kubo. Khona-ke Uyafika futhi

wasibekela intombi, wadala iNgqamuzana leGazi esizalweni sayo, uMntwana uyavela, uJesu, umzimba ongcewele, hhayi oweZizwe, noma iJuda, iGazi likaNkulunkulu uQobo.

¹⁵⁵ Kwase kuthi-ke uMoya oNgcewele omkhulu wehla uvela eZulwini, uMoya kaNkulunkulu, njengejuba lehla, futhi waya kuYe, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo,” ngokuyikho ngokuhunyushwa okuyikho, “eNgithokozile ukuhlala kuYo.” “UBaba waMi uhlala kiMi.” Buza noma yimuphi umhumushi omuhle womBhalo futhi uthole ukuthi lokho akukho yini kwisiHeberu. Yebo, mnumzane. “ENgithokozile ukuhlala kuYo.”

¹⁵⁶ UJesu wathi, “INdodana ingenze lutho ngokwaYo. AkusiMi owenza imisebenzi, kodwa uBaba waMi, Uhlala kiMi, u-Emanuweli.” Hhayi omunye uNkulunkulu phezulu *lapho*, nomunye Oyedwa *lapha*, nomunye Oyedwa phansi *lapha*, lowo ngumhedeni, uNkulunkulu oyedwa ezikhundleni ezintathu. UNkulunkulu uYise uSomandla wehla futhi wahlala eNdodaneni yaKhe uKristu Jesu; Wanikela ngempilo yaKhe ezama ukuzithola Yena uqobo esebuyele enhlanganyelweni nabantu baKhe, ezama ukubuyela emuva.

¹⁵⁷ Akekho owayengakhokha inani, zonke izoni. NeNdodana yaKhe uQobo yenziwa isono ngenxa yethu ukuba isuse izono zethu, futhi lokho bekuqokwenza uBaba uNkulunkulu ofanayo esimweni sikaMoya oNgcewele wehla futhi wahlala kithi, futhi asebenze ngathi, njengoba Enza iNdodana yaKhe eyadalwa. Amen. Nanto iqiniso lakho.

¹⁵⁸ Unohlangothi olulodwa lomgwaqo, *ngapha*, uthi, “UNkulunkulu *uyedwa*, njengomunwe wakho *uwodwa*, Angeke abe nguYise waKhe uQobo.”

Nginabo *ngapha* bethi, “UngoNkulunkulu abathathu abehlukene.”

¹⁵⁹ Awu, uma EngoNkulunkulu abathathu abehlukene, khona-ke uNkulunkulu uMoya oNgcewele, noNkulunkulu uYise ungaBantu ababili abehlukene, khona-ke intombi yakhuleliswa nguMoya oNgcewele. Yimuphi owayenguBaba waKhe na? UnoBaba oyedwa. UMoya oNgcewele noNkulunkulu unguMoya ofanayo uQobo, lokho kuqinisele. Khona-ke kulokho. . .

¹⁶⁰ O, akusiyo imfihlakalo. Ukuba Wayene. . . Ukuba—ukuba umuntu waye. . . Uma kokuBili kwakunguBaba waKhe, khona-ke Ungumntwana wesihlahla, impela ngokwenele, ngokomoya. Niyabo, konke kungamathizethize, akuwenzi umqondo. Into kuphela, ukuthi amadoda azama ukukufanisa ngekhandalawo, esikhundleni sokuvumela inhliziyi yawo iye kuNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu uyobembulela lezozinto, uma nje uMvumela akwenze. Yebo, mnumzane.

¹⁶¹ Angebe nguBaba waKhe uQobo, uJesu wayengeke abe nguJesu oyedwa, uNkulunkulu oyedwa, bonke kanjalo, Wadalwa

nguNkulunkulu uYise. Kunjalo. NoNkulunkulu uYise wahlala kuYe ukuze Asebenzise iGazi laKhe ekungcwelisweni, futhi ahlanze iBandla laKhe ngalowoMoya ofanayo, ukuba aphile eBandleni laKhe, ukwenza imisebenzi nezibonakaliso, futhi agcwalise umBhalo Awethembisa, “Ngezinsuku zokugcina, njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...?...

¹⁶² Yilokho-ke, ukufunda lokho omunye umuntu... Wathini uJesu kuPetru na? “Ubusisiwe wena, Simoni, ndodana kaJona, awuzange ukufunde lokhu ekholiji, inyama negazi akuzange kwembule lokhu kuwe, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu. Futhi phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeke alehlule.” Yingalesosizathu Emnika izihluthulelo, wayenesambulo, yiqiniso elembuliwe.

¹⁶³ O, i, lezo—lezozinto ezincane abalwa ngazo futhi bazehlukanise, kukhombisa ukuthi akusikho okukaNkulunkulu, kungenjalo bebengeke bazehlukanise kanjalo. Anibuthani ngani ndawonye futhi nibe ngabafowethu, odadewethu na? Makuthi amandla kaNkulunkulu asebenze phakathi kwenu, azokusebenza konke. UNkulunkulu unguMfundisi weBandla, uMoya oNgcwele, lokho kuqinisele. Awudingi ukuba usebenzise yonke impilo yakho uzama nje ukufunda into ethize enjengaleyo, into enhle kunazo zonke oyaziyo usindisiwe futhi ubiza... qala ukuhamba noNkulunkulu, lokho Afuna ukwazi, Uzokwembula kuwe.

¹⁶⁴ Kwakukhona uNkulunkulu uSomandla, enziwe inyama esikhumbuzweni ukuthi... UJesu wathi, “Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, *kini*, kuze kube sekupheleni kokupheleliswa,” kwehle njalo kuze kube sekupheleni kwezwe. UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.

¹⁶⁵ Ulapha. NguKristu esebenza kuwe, nami, nathi sonke, ezama ukuhlanganisa iZwi laKhe ndawonye ukuqinisekisa, nokugcwalisa iZwi laKhe. UJesu wabaphulukiselani abagulayo, uMathewu 12 na? UMathewu 8, ngikholwa ukuthi nguye. Wathi, “Ukuze kugewaliseke okwakhulunywa ngomprofethi.” IZwi likaNkulunkulu lidinga ukugcwaliseka, leli yihora.

¹⁶⁶ Ukufunda ingqondo, bakubiza kanjalo, babiza into efanayo lapho, udeveli. Wathi, “Akuthetheleleki ukubiza uMoya kaNkulunkulu osebenzayo, into enjalo.” Ngifuna nicabange ngalokho ngaphambi kokuba niyokwenza izinqumo zenu. Kunenkonziso entsha uNkulunkulu ayiqinisekisile, futhi siyazi ukuthi iyiqiniso likaNkulunkulu, kodwa *ngandlela thize enye* ngeke nje kusebenze lapha e—eMelika, kuyasebenza kwezinye izindawo, manje, kukhulu kunalokho esinakho lapha.

167 Kodwa niyabo, nje si—sesone nje sasuka osukwini lwethu lomusa, yilokho kuphela okukhona kukho. Ngakubikezela lokho ngo 1956, futhi kube ngaleyondlela kusukela lapho, njalo njalo ukuwa. Niyabo? Kodwa uNkulunkulu uyodonsa leloBandla elikhethiwe, U—Ubophezelekile ukuba akwenze, Wathi Uyokwenza.

168 Manje, bukani leyoNgelosi Ifulathele, yatshele uSara ukuthi wayecabangani. Uma lelo kungesilo iZwi likaNkulunkulu, angikwazi. IBhayibheli lasho kumaHeberu 4 ukuthi “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, futhi ngisho noMahluleli wemicabango yenhloziyo, ingqondo.” Kunjalo, Liyahlulela, LiyiZwi likaNkulunkulu. Futhi iZwi likaNkulunkulu likuwe uma uzovumela iZwi, ngoba UyiZwi.

169 “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.” Niyakubona lokho na? Khona-ke leloZwi elifanayo, uKristu, isithembiso, uMoya oNgcwele, niWubiza ngoMuntu wesithathu kaziqu-zintathu, lokho kuhle, Kuyilokho-ke, uKristu, uMoya oNgcwele kuwe, WayeseNsikeni yoMlilo kanye, wase Efika, waba yinyama, manje Usefikile enyameni yakho.

170 Wenzani na? UNkulunkulu ezehlisa, ezama ukusondela kubantu baKhe ukuze Athandwe futhi akhonzwe. Futhi sinakho, oNyakeni waseLawodikeya, siMphendulele ngaphandle, Uyangqongqotha, ezama ukubuyela ngaphakathi.

171 “Bonke eNgibathandayo, Ngiyabasola ngibalaye, baphenduke,” Washo. Nakhu la sikhona. Lowo nguNkulunkulu, lowo nguNkulunkulu uBaba wethu esimweni sikaMoya oNgcwele ezama ukubuyela ezimpilweni zethu ukuba asilawule. Uzofanele abe neBandla ukuba alenze, njengoba ngishilo izolo ebusuku, leloTshe lokuvale phezulu liyafika, Kuzofanele kufike lapho kuphelele, neBandla lizofanele lidonsele ekupheleleni.

Wena uthi, “Ukuphelela na?”

Yilokho Akusho, “Yibani ngabaphelele, njengoba uBaba waMi waseZulwini ephelele,” uNkulunkulu.

172 Asithathe umcabango, ake sithathe i—ake sithathe isibonelo esincane lapha umzuzu. Qaphelani lokhu, manje, njengoba bengisho kulokhu ukusa, uma umvini wamagilebhisi unokuphila kwamagilebhisi kuwo, uyothela amagilebhisi.

173 Manje, leNsika yoMlilo eyahamba nabantwana ehlane, noma ubani uyazi ukuthi Lowo kwakunguNkulunkulu. Siyazi ukuthi Lowo kwakunguNkulunkulu, Watshele u-Abrahama, e, watshele uMose, “NGINGUYE ENGINGUYE. Futhi Ngikubonile ukuhlupheka kwabantu baMi, futhi ngikuzwile ukububula kwabo ngenxa yabacindezeli, futhi Ngehlile ukubakhulula.”

¹⁷⁴ Manje, leyo kwakuyiNsika yoMlilo kulesosihlahla. Uyakukholwa lokho na? INgelosi yesiVumelwano. Awu, kwakuyi. . . Yehlela eNtabeni yaseSinayi futhi yaloba imiyalo. Ngisho noma isilwane sithintile, sasifanele sibulawe. Kwakuyini na? Ngoba kwakungekho mnikelo wesono, isilwane.

¹⁷⁵ Niyabo, ngenkathi iTestamente eLidala, ngenkathi benikela ngomnikelo wesono, babethatha iwundlu elincane, babeka izandla zabo phezu kwalo, bavuma izono zabo, base benquma umphimbo walo. Futhi ngenkathi umfo omncane efa, ekhahlela, futhi ekhala, ngani, igazi laba kuzo zonke izandla zomkhonzi, futhi khona-ke wezwa ukufa kuphuma kulesosilwane lapho siqonda futhi sifa, futhi wayazi ukuthi lesosilwane sasifa endaweni yakhe.

¹⁷⁶ Kodwa iBhayibheli lathi waphuma nesifiso esifanayo ayenaso ngenkathi engena, ngoba niyabo, ngenkathi lelongqamuzana legazi lephulwa, lowomoya wesilwane wawungeke ubuye futhi uvumelane nomoya womuntu. Isilwane asinamphefumulo, ngakho abakwazanga ukubuya, ngakho ngakho-ke waphuma enonembeza ofanayo. Kodwa lapho indoda, ngokukholwa, ifika, ibeka izandla zayo phezu kwekhanda likaJesu Kristu futhi izwa ukuhlupheka kwaKhe ngenxa yezono zenu, futhi ngenkathi leloNgqamuzana leGazi lephulwa eKalvari, akusikho kuphela ukuphila kwesidalwa esingumuntu okubuyayo, kodwa ukuPhila kukaNkulunkulu kuyabuya kukho futhi kukwenza indodana nendodakazi kaNkulunkulu.

¹⁷⁷ Bhekisisani ngenkathi leyoNsika yoMlilo yenziwa inyama, futhi yakha phakathi kwethu. SaMthola kanjani ngobunye ubusuku, Akwenzayo na? Ukuthi baMazi kanjani, ngokwehlukanisa imicabango yenhliziyo. Babazi ukuthi Lowo kwakuyilowomProfethi uMose akhuluma ngaye, Wazisho ukuthi uyilokho, bazi ukuthi kwakunguye, yileyondlela Ayeyiyo. Manje, Wabuyela kuLokho futhi, benikwazi lokho na?

“O, qhabo, Mfowethu Branham.”

O, yebo, Wakwenza, futhi. Wathi, ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu.” Ngabe kunjalo na?

¹⁷⁸ Futhi emva kokuba Wayesefile, wambelwa, wavuka, futhi wanyukela kweliPhezulu, uSawulu waseTarsu wayesendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku ngolunye usuku ukyufaka abantu ejele owayekhonzwa, futhi khona manjalo ukuKhanya okukhulu kwabaneka phambi kwakhe, futhi wawela emhlabathini. Nalokho kuKhanya okukhulu kwakhanya kakhulu ngangokuthi Kwavala amehlo kaSawulu, wayeyimpumputhe isikhashana. Futhi Wathi, “Sawulu, Sawulu, uNgizingelelani na?”

Wathi, “Ungubani Wena, Nkosi na?”

Wathi, “NginguJesu.” Wabuyela eNsikeni yoMlilo futhi.

179 Futhi sinesithombe saYo kanye nathi ngqo, ibandla lePentecostal. Halleluya! Manje, ngabe InguMoya ofanayo na? Ngabe YiNsika yoMlilo efanayo na? UGeorge J. Lacy, inhloko ye-FBI, imilobo yeminwe nemibhalo, wena... nanko umbhalo wakhe obhalwe kuyo, wathi, “UkuKhanya kwashaya ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya.” Wathi, “Akukho sayense ephathelene nengqondo ngakho, ngoba lelisio lomshini wekhamera ngeke lathatha isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo.” Kwashaya ilensi.

180 Sinaso esinye khona phezulu lapha kwenye indawo, sinazo eSwitzerland naseJalimane. Bafuna ukwazi ukuthi *izithombe* zabo ziyoKuthatha yini, amakhamera amakhulu aseJalimane ayaphuma, futhi ngangimi lapho, ngathi, “Impela, uma uNkulunkulu ezokuvumela.”

Nakho ngiphuma lapho futhi ngangikhuluma, ngase ngithi, “Manje, Kuyeza.”

181 Futhi leliJalimane, limi lapho nje, lalishwilizisa izithombe zalo, lizithatha, futhi ngenkathi kwenza, kwakhombisa uMoya oNgwele wehla, kwakhombisa ngenkathi U... Ngakhombisa indoda laphaya nokhololo wayo ubheke emuva, ngase ngithi kuyo, ngoMoya, “Umi lapho njengompristi, kodwa awusuye umpristi. Awusuye ngisho umJalimane,” ngathi, “ungumNtaliyane, ungumholi wamakhomanisi ayizinkulungwane ezingamashumi amabili. Ubaleka nephathi, unekhaya elincane lezintandane phezulu ezintabeni. Awukudlanga ukudla kwakho kwasekuseni ngoba unenkathazo yesisu. Lowo ngu-ISHO KANJE INKOSI.” Ngathi, “Yidla ukudla kwakho kwasekuseni, uJesu Kristu uyakusindisa.”

Wahlala phansi wayeseqala ukudla ngamandla akhe onke, ekhala.

182 Futhi bathatha isithombe sikaMoya oNgwele wehla, ngenkathi Wehla, ngenkathi Wawugcoba, futhi ngenkathi Ushambile, khona impela emini, kumi lapho. Kuyini na? Hhayi isayense ephathelene nengqondo! Ngabe uqhele kakhulu kuNkulunkulu, mfowethu na? Hhayi injulamqondo, ikhamera yazi kakhulu ngakho kunawe.

183 Manje, ngabe NguMoya oNgwele na? Awu, uma Kwenza imisebenzi kaJesu Kristu, NguMoya ofanayo owawukuYe. Khona-ke ungaqiniseka ukuthi wena okholelwa kuNkulunkulu, futhi ukholwa ukuthi unoMoya oNgwele, ukuthi Lowo nguMoya oNgwele ofanayo, ngoba Wenza into efanayo Owayenzayo ngenkathi UseNdodaneni kaNkulunkulu yangempela. Lapho Ufika phezu kwamadodana namadodakazi okwenziwa untwana, Wenza into efanayo Owayenza lapho.

184 Uma ngikutshela ukuthi benginomoya kaJohn Dillinger, ubuyofuna mina ukuba ngibe nezibhamu ezinkulu ezimbili,

ukuba benginomoya wakhe. Ukuba benginomoya womdwebi, beningalindela ukuba ngipende izithombe zamagagasi phandle lapho, ngibambe lawo magagasi amahle futhi ngiwapende; ukuba benginomoya womdwebi, bengingakwenza. Ukuba benginomoya kamakhenika, bengingalalela imoto yakho futhi ngikutshele ukuthi yini engalungile ngayo.

¹⁸⁵ Uma nginitshela ukuthi nginoMoya kaKristu, khonake ngenze imisebenzi kaKristu. Ungeke wangikholwa, ngani, kholwa yimisebenzi, ukholwe ukuthi uNkulunkulu waWuthumela. Ngoba angihlangani nezinhlango nezinto, awufuni ukukholwa ngalokho, khona-ke kholwa yiyo impela imisebenzi futhi usindiswe. Kunjalo.

¹⁸⁶ Ngiyazi ukuthi kul'khuni, angazi ukuthi kungani ngikusho, kodwa ku—kuzofanele kukhulunywe ndawondawo. Kuzofanele kube yiqiniso, kuzofanele kwaziwe. NgoSuku lokwaHlulelwa, ngiyohlangana nani lapho, eGameni leNkosi uJesu, Usazoqinisa ukuthi kuyiqiniso, kodwa kuseBhayibhelini laKhe, “Futhi amazulu nomhlaba kodlula, iZwi laMi alisoze.” Amen. Buyelani kuNkulunkulu, lokho ukubiza. Buyelani kuNkulunkulu futhi.

¹⁸⁷ U-Abrahama waMbiza ngo-*Elohim*. Wafulathela, wanikhombisa ukuthi uNkulunkulu wenzani ngaleyonkathi, ngoba u-Abrahama waqonda ukuthi Lowo kwakunguNkulunkulu enyameni yomuntu ehlala khona lapha naye, ekhuluma naye.

¹⁸⁸ UJesu wathi, ngamany'amazwi, Wathi ku... Niyazi ukuthi iNgelosi yeNkosi yenzani ezansi lapho eSodoma na? Bukani ukuthi abaseSodoma babenzani, babethenga, futhi bakha, o, he, osonkontileka ezweni lonke, izakhiwo.

¹⁸⁹ Senake nasibona isikhathi esinjalo na? Angisakwazi ngisho nokuyozingela onogwaja ekhaya, i, yonke imisebenzi yezindlu lapho ipulazi lalikhona. Angazi ukuthi sizokwenzenjani ukuze sidle. Ukwakha, ukwakha, yilokho impela uJesu athi kuyokwenzeka. Ngabe Wakusho na? Babeshada, bendiswa, njengasasukwini lukaNowa. Buka iReno, iNevada, futhi buka lapha.

¹⁹⁰ Lesisizwe besiyoba ngcono ukuba besi—ukuba besi, kungcono ngingakusho lokho. Kulungile. Kodwa, empeleni, bekungangcono ukuba namakhosikazi amathathu noma amane kunokuba, ngingaqoka ukuma phambi kukaNkulunkulu nabesifazane abathathu abashadile, noma abesifazane abahlanu abashadile bemi eceleni kwami, kunokuma lapho nenkosikazi eyodwa, futhi ngigijima nowenye indoda. Yebo, mnumzane. Bengiyoba nethuba elingcono phambi kukaNkulunkulu.

¹⁹¹ Awukwazi ukuphoqa izoni ukuba zithathe umsebenzi omiselwe umKristu futhi zenze lokho, zingeke zakwenza zize zizalwe ngokusha. Kunjalo. Siqhele kude ekubeni yisizwe samaKristu. Besingawavula kanjani onke amajoyinti

ogweva asekhoneni, futhi siphathe izinto ngendlela esenza ngayo, sizibize ngamaKristu na? Lokho akusiwo amaKristu, kungengaphezu kokuba ingulube ingazi ngesihlalo sehhashi esisohlangothini.

¹⁹² Awu, ubungeke ukubize lokho ngobuKristu, asisiso isizwe samaKristu, qhabo, mnumzane. Kukhona amaKristu kulesisizwe, kodwa akusiso isizwe samaKristu. Ngiyambonga uNkulunkulu ngamaKristu aphakathi lapha. “Akusibo bonke abathi kiMi, ‘Nkosi, Nkosi,’ ozokwenza... ozongena, kuphela lowo owenza intando kaBaba waMi oseZulwini,” yilowo ongenayo.

¹⁹³ Kusizani ukuba maphakathi na? Kusizani ukuba nebandla elisivivi na? Kuphakathi kokuthi kube ngoshisa bhe, noma—noma obandisa okweqhwa. Ungazisho ukuthi uyiPhentekoste, ngaphandle uma uphila iPhentekoste, ungagxumi ngaphezu kwalokho okuphilayo. Kunjalo. Kuyihlazo, kuletha ihlazo phezu kwabo bonke. Akusiwo amajoyinti ogweva, kakhulu kangako, okulimaza ongakholwayo, yilababantu abazisho ukuthi banokuthize futhi beziphathisa okwezwe, yilokho okuyisikhubekiso.

¹⁹⁴ Ibandla ebelifanele libe semlilweni kaNkulunkulu, futhi lihambahamba libiza wona impela uMoya kaNkulunkulu ofikayo, lithi, “Ku—kungokufihlakele, kungokufunda ingqondo, yikho konke *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*,” ngoba asisibo abenhlango yabo. Ngiyanidabukela! UNkulunkulu abe nomusa emiphefumulweni yenu enesono. Niyohlangana nalokho ngoSuku lokwaHlulelwa, futhi mhlampe, ngaphambi kokuba nifike ekwaHlulelweni, kunjalo, ngoba uNkulunkulu wakwethembisa.

¹⁹⁵ O, sisesikhathini esesabekayo, bangane. O, izwe liyacwila, isizwe siyafa.

Izizwe ziyehlukana, u-Israyeli uyaphaphama,
Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo;
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba
okukhulu okuthiyayo;
“Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini.”

Usuku lokuHlengwa seluseduze,
Izinhliziyi zamadoda zehlulwa ngukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya kaNkulunkulu, izibani
zenu zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu! Ukuhlengwa kwenu
kuyasondelela.

¹⁹⁶ O, usuku olunje pho esiphila kulo! Ukuba-ke uPawulu wayephila kulolusuku na? Ukuba-ke uPetru oNgcwele wayephila kulolusuku, nokubona iPentecost isesimweni na? Ubeyokunyakazisa, ngempela ubeyokunyakazisa, ngoba ubenoMoya oNgcwele kuye, impela ubeyokwenza.

¹⁹⁷ Manje qaphelani, ngifuna ukunikhombisa ukuthi uNkulunkulu wethembisani kulabo banqobi, ukuthi uNkulunkulu wenzani kulabo banqobi. Nginemizuzu eyishumi nanhlanu nje ukuba ngiphume ngesikhathi. Ake sibone ukuthi uNkulunkulu wenzani, khona lapho, ngenkathi u-Abrahama ekuqonda, wayesethi, “Yebo, lowo nguNkulunkulu,” waMbiza ngo-*Elohim*, “Nkosi yami,” hhayi “MaKhosi ami,” “Nkosi yami.” “Nkosi yami,” washo, usonhlamvukazi N-k-o-s-i. Qaphelani ukuthi waMbiza ngokuthini.

¹⁹⁸ Futhi ngenkathi eseMqonda, futhi wazi ukuthi kwakuyini, futhi wacela umusa wabantu *abangingi kangaka*, abantu *abangingi kangaka*, futhi ukugcineni wasuka emashumini amahlanu kwehlela eshumini, wayesalokhu engabatholi e—eSodoma, kungenjalo Wayezowusindisa umuzi, kodwa Akabatholanga ngisho nakulo lonke ibandla, ezansi lapho babengeke babeyisihlanu, noma, abantu abayishumi abaqotho, wathola abathathu kuphela, wayenabane, futhi oyedwa wabo waphenduka, wabheka emuva, umkakhe. Wayengafuni ukushiya izinto zakhe ezinhle zaseHollywood, nendawo yakhe enhle, niyazi. Futhi waphenduka insika kasawoti.

¹⁹⁹ Ungabheki emuva. “Obeka isandla sakhe egejeni, futhi ngisho aphenduke ukuba abheke emuva, akafanele ukulima.” Yilokho okukulelibandla, mfowethu. Ubeka izandla zakho egejeni futhi wazibiza ngePentecostal, ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, yeka ukubuka izwe, futhi uziphathisa okwezwe, futhi uzipholisha njengezwe, ngalo lonke loluhlobo lwezinto, futhi benezinto zezwe, futhi behlala ekhaya bebukela ithelevishini, esikhundleni sokuza, emhlanganweni womkhuleko, ngenkathi izoni ziza e-altare, futhi zingatholi neze umnyakazo wokuphuma kanoma ubani, ziza, kungekho kuthatheka, nhlobo.

²⁰⁰ Ake ngininike isexwayiso esincane, uHezekeli isahluko 9, iBhayibheli lasho, lasho ngomphawuli ngo—noMoya oNgcwele, “Dabula emzini, bese ubeka uphawu phezu kwalabo ababubula bekhalela izinengiso ezenziwe emzini.” Bangaki abake bakufunda na? Impela. “Ungabeki uphawu omunye umuntu ngaphandle kwabo.” Bala eminweni yakho bese uyiphakamisela kimi, bangaki abantu, noma ubani kulesisakhiwo ongababeka uphawu obubulayo futhi akhale ubusuku nemini ngesinengiso esenziwa kulelidolobha elikhulu na? Angiboni munwe.

²⁰¹ “Beka uphawu *kuphela* kulabo ababubula bekhala ngezinengiso ezenziwa emzini.” Inqwaba yabo yesaba ngisho nokushumayela iphikisana nakho, inqwaba yabo yesaba. Nkulunkulu sinike amadoda anomgogodla esikhundleni sethambo lesifuba. Yebo, mnumzane. Siphe omunye uJohane umBhaphathizi, mthumele ngaphambili, umgcobe ngoMoya oNgcwele, ongeke ancenge, kodwa ahlale neZwi. Futhi uma ehlala neZwi, ungesabi, uNkulunkulu uzolisekela iZwi laKhe.

²⁰² Ngingene kuzo zonke izinhlobo zezindawo ezimpintshekile, lapho odeveli, nakho konke okunye kwavuka, ngibabonile beshaywa ngobumpumputhe, bashaywa phansi, nakho konke okunye. Ungesabi, hlala khona lapho eZwini, bhekisisa ukuthi uNkulunkulu wenzani; qiniseka nje ukuthi ukahle noNkulunkulu. Hlala naleloZwi, futhi ubhekisise ukuthi kwenzekani.

²⁰³ Uma uMfowethu Arganbright ehlezi eduze, ubenganixoxela indaba, bengicabanga manje ngezinyanga-bathakathi eziyishumi nanhlanu ngakolunye uhlangothi, neziyishumi nanhlanu kolunye, zabiza isiphepho ukuba siphephule ithende eSwitzerland, noma, ngikholwa ukuthi kwakuyiFra... IJalimane. Zazizophephula ithende, zasitshela ukuthi zazizokwenza, futhi zahlala lapho futhi zanquma lezozimpaphe futhi zaqala ukuhamba ngamasu, “uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, *bla, bla, bla*. uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele,” amazwi amathathu aphakeme, zasho. Konke kanjalo, futhi nakhu kwenyuka isiphepho.

²⁰⁴ UMfowethu Arganbright uzonitshela okufanayo, lapho amashumi ezinkulungwane zabantu, ithende ligxuma phansi phezulu. Ngathi, “Khuleka, Mfowethu Arganbright.” Ngathi, “Mfowethu Lowster, ungakuhumushi lokhu.”

²⁰⁵ Ngathi, “Baba waseZulwini, ngehlile kuleyondiza phezulu lapha eGameni likaJesu Kristu, ngoba Ungithumele lapha, Wethembisa ukuthi Uyonginakekela. Ngingenzenjani odabeni olunjengalolu na? Ngiyasikhuza lesisiphepho, eGameni likaJesu Kristu.”

²⁰⁶ Ngomzuzwana owodwa du leso siphepho sahlukana ngqo phezu kwethende, futhi sahlehla, ukuduma kuqala ukuhlehlala emuva, *kanjalo*, nezinkulungwane zigijimela e-altare ukuba zisindiswe, nezinyanga bathakathi yehlulwa.

²⁰⁷ Leyondoda ihlezi phandle emhlanganweni, izama ukuphosa elinye lalawomalumbo kimi, ukungenza ngikhonkothe njengenja, ukubukisa phakathi lapho, yayingazi, ihlezi lapho. Futhi ngangilokhu ngizwa lowomoya oyingqaba, ngacabanga, “Ngiyakuzonda ukubiza lokho ngoba ingumngane womunye umuntu.”

²⁰⁸ UJesu wathi, “Yekani kukhule ndawonye, nisiphula ukolo lapho nisiphula ukhula.” Futhi ngangilokhu ngiya lapho, futhi yaqhubeka.

²⁰⁹ Emva kwesikhashana uMoya oNgcwele wawulokhu ukhuluma kimi, ngaphenduka, ngathi, “Wena mkhohlisi! Kungani ungene emhlanganweni, inkonzo kaNkulunkulu ukuzama ukudukisa omunye umuntu na?” Futhi yayilokhu iqalaza, sengathi ngangikhuluma no... Ngathi, “Nguwe engikhuluma naye.” Ngabiza igama layo. Ngathi, “Ngenxa

yokuthi wenze lokhu eMoyeni kaNkulunkulu, omunye uzokuthwala akukhiphe lapha.” Futhi isakhubazekile. Niyabo?

Yabhala incwadi, futhi yathi, “Ngifanele ngenzeni na?”

Ngathi, “Phenduka!”

Yathi, “Woza, ususe lokhu kimi.”

²¹⁰ Ngathi, “Anginalu-... Angizange ngihlanganise lutho nakho okuza kuwe, wazilethela khona kuwe. IBhayibheli lathi, ‘Kungcono kakhulu ukuba itshe lokusila lilengiswe entanyeni yakho, futhi wacwila ezinjulweni zolwandle, kunokuba ukhwebekise ogcotshiweyo kaNkulunkulu.’” Kunjalo. Silahlekelwe ngukwesaba kwehu uNkulunkulu, izinhlonipho zamaKristu. O, bisifanele kanjani sibuyele kuNkulunkulu!

²¹¹ Bhekisisani ukuthi uNkulunkulu wamkhombisani u-Abrahama lapha ngoba walikholwa iZwi, bhekisisani ukuthi yini eyenzeka. Yini Ayenza kuSara na? Niyazi ukuthi Wenzani kuSara no-Abrahama na? Ekhombisa ukuthi Uzokwenzani kuyo yonke iNzalo kaSara neka-Abrahama, iNzalo ka-Abrahama, ukuthi Uzokwenzani. Niyazi ukuthi Wenzani na? Bhekisisani ukuthi benzani masinya emva kwalokho, bathatha uhambo olude ukusuka lapho ababekhempe khona, enhla lapho, eSodoma, yonke indlela ubheke eGerari, ezansi ezweni lamaFilisti, cishe amamayela angamakhulu amathathu.

²¹² Lolo wuhambo olude impela lwendoda endala eneminyaka eyikhulu ubudala, nomncane, ugoto omdala netshali elincane emahlombe akhe, behamba *kanje*, amamayela angamakhulu amathathu behamba ngezinyawo. Kwakungesiyo leyondlela, Wabaphendula baba yinsizwa nentombi. Ngingakufakazisa, Wakwenza. Futhi leso yisithembiso kuyo yonke iNzalo yakhe eyothatha iZwi laKhe, futhi ibambelele kuLo kanjalo.

²¹³ Waphendula uSara wabuyela ekubeni ngowesifazane osemusha ukuze abe naleyongane. Ngifuna ukusho okuthize, manje, lalala udokotela wakho, ngingumfowenu. Manje bukani, uma wayesmdala kangako, Wayezodingeka aqinise inhliziyi yakhe, kungenjalo wayengenakuhelelwa, owesifazane oneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, kunjalo, Ubeyodingeka apeshe inhliziyi yakhe.

²¹⁴ Imithambo yobisi ebeleni lakhe yase yomile. Babengenakho... Abesifazane babengabhemi osikilidi ngalezozinsuku, ngakho bavele nje bakhulisa ingane yabo emabeleni abo, niyabo, futhi abayinikezanga ubisi lwenkomazi, ngakho ba—ba—babedingeka babancelise emabeleni abo. Nemithambo yobisi yase yomile. Bukani nje ukuthi isimo esinjani! Wayeyodingeka ampheshe. UNkulunkulu akapheshi, Wenza okusha. Ya.

²¹⁵ Sengiyambona uSara ebuyela ekubeni ngowesifazane othandekayo, cishe oneminyaka engamashumi amabili-

nanhlanu ubudala; sengiyambona u-Abrahama cishe enamashumi amabili-nanhlanu, noma iminyaka engamashumi amathathu ubudala.

Sengiyamuzwa uSara ethi, ngokunye ukusa uyavuka, uthi, “S’thandwa, ubuwazi, lesosifumbu siyasuka emahlombe akho na?”

²¹⁶ Sengiyamuzwa ethi, “S’thandwa, lawo amahle, amehlo ansundu owawuvamise ukuba nawo, ayabuya. Nombala uyabuya ezinweleni zakho futhi.” O, he! Ya.

Manje, wena uthi, “Manje, Mfowethu Branham!”

²¹⁷ Awume kancane, awume kancane, niyabo, iBhayibheli liyiNdaba yothando ekholweni. Manje, lapho ngiya phesheya kwezilwandle, uNkk. Branham ungibhalela incwadi, futhi wathi, “Billy othandekayo, ngihlezi lapha kulobubusuku, ngifanele ngilalise abantwana embhedeni, ngisanda kuqeda nje ukukukhulekela, ngiyazi ukuthi uNkulunkulu uyakubusisa.”

²¹⁸ Niyabo, yilokho akushoyo, kodwa ngiyifunda ivaliwe ngqo, ngiyamthanda, niyabo, ngiyazi ukuthi ukhuluma ngani. Angeke nje angitshela konke ngakho, kodwa kusobala ngiyakwazi noma kanjani, indlela abhala ngayo.

²¹⁹ Awu, yileyo ndlela ofunda ngayo iBhayibheli, ukufunda ivaliwe. UNkulunkulu une...Yingalesosizathu Akufihla emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, bona bathi, “Ngine Ph.D., i D.D.D.” Niyazi ukuthi u D.D. umeleni na? Inja efile. Ngakho, ngiyakutshela, mfowethu, ini, asikudingi lokho namhlanje, sidinga, hhayi *isayense* ethize *yezenkolo*, kodwa *isayense yokuguqa ngamadolo* yilokho esikudingayo. Ya. Awu, iBhayibheli layibiza *ngenja eyisimungulu*, ngakho-ke kwakuyoba kubi nje, niyabo, bathi babeyizinja eziyizimungulu, o. D.D.

Manje, qaphelani, nango wayephakathi lapho.

²²⁰ “Nginalokhu futhi nginakho *lokho*.” Awu, lokho kulungile, ngithanda ukuba noJesu. Babona ukuthi uPetru noJohane babengazi lutho futhi bengafundile, kodwa babefanele baqaphele ukuthi babekade benoJesu. Akekho noyedwa wabo owayekwazi ukusayina igama labo, noma yini, kodwa babazi ukuthi babekade benoJesu, yilokho esifanele sikwenze, sazi ukuthi babenoJesu.

²²¹ Manje, lapho ufunda iBhayibheli, Ukufihlile emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi uzokwembulela izingane, zona eziyofunda, ngakho lapho uyofunda lokhu lapha, manje bhakisisani ukuthi kwenzekani, ukunikhombisa ukuthi yilokho Akwenzile. Into yokuqala . . .

Manje, wena uthi, “O, Mfowethu Branham, nje babe . . .”

²²² Qhabo, iBhayibheli lathi base begugile ngeminyaka, kunjalo, sebegugile impela ngeminyaka. Manje, mfowethu

ogcina umthetho, angifuni ukukuncinza kanzima kakhulu, kodwa ngifuna wazi ukuthi ngi—ngisengancinza nje kancane ngeZwi, uyabo. Angifuni ukukulimaza, kodwa ngifuna uqaphele ukuthi kwenzekeni.

²²³ Wehlela eGerari, futhi ngenkathi efika ezansi lapho, ngizothatha olwakho uhlangothi lwakho, nangu ugoro omncane eza, esecishe abe neminyaka eyikhulu ubudala, isigqoko esincane sothuli, netshali elincane, niyazi, ethwele kanzima. Futhi niyazi, u-Abimeleki ezansi lapho eGerari, wayeyinkosi, futhi wayezingela unkosikazi, nabo bonke labo besifazane abahle bamaFilisti, kodwa ngenkathi ebone ugoro omncane, wathi, “Yilowo ebengimlindle!”

²²⁴ O, u-Abrahama wathi, “Ngi... Ukhombisa umusa wakho kimi, uthi ungudadewethu.” Ayenguye. Wathi, “Uthi ungudadewethu.” Ngoba, niyabo, ngalezozinsuku (Ngingahle ngifake ipulaki lapha uma umshumayeli efuna ukushumayela ngakho ngesinye isikhathi, ungahle ukugijimise eBhayibhelini.) khumbulani, amadoda ayenabafazi abanengi njengoba ayengakwazi ukuba nabo, kodwa akekho owesifazane owayengaba namadoda amabili aphilayo ngasikhathi sinye. UDavide wayenabafazi abangamakhulu amahlanu, kodwa akukho namunye wabo owayenenye indoda. A-hha. Kungcono ngime, khona manje. Niyabo? Kulungile. Ukuba kuphela bebelazi iqiniso lalokho, bekungadabula lamabandla avuleke kakhulu, kunjalo.

²²⁵ Manje, qaphelani ukuthi bekungenzekani ukuba nje nifika lapho uNkulunkulu ebengembula khona ezinye izinto kuwe zikaMoya!

²²⁶ Manje qaphelani, manje, wathi, “Manje, bazongibulala, futhi bakusindise.” Isizathu inqobo nje uma wayeshade naye... Wathi, “Wena yithi ungudadewethu, futhi lokho kuzongihambela kahle.”

²²⁷ Manje, nangu u-Abrahama wayehlela lapho, futhi nangu uSara omncane, ugoro omncane, niyazi, eza, no-Abimeleki wathi, “O, nabo ubuhle, yilowo engimfunayo, ugoro!”

²²⁸ Qhobo, lokho kuzwakala kungubuthutha, akunjalo na? Niyabo? Kwakungesuye, wayengowesifazane omuhle. Impela, usemusha futhi. O! Ungakhathazeki, mama, kuyeza ngolunye usuku, bhekisisa ubabayi, yiba yiNzalo ka-Abrahama nje, ube nalokho kukholwa, kuthatha lokho-ke. “Thina sifile kuKristu, siyiNzalo ka-Abrahama.” Kodwa ufanele ube ngofile kuKristu, wembathe uKristu, uMoya oNgewele kuwe, leyo yiNzalo ka-Abrahama, futhi Uzokuvusa futhi, ukuguga ngeke kusho lutho.

²²⁹ Ngabuza *isayense*, lapha esikhathini esingeside esedlule, ngathi, “Ngiyacela ngitshela okuthize. Ngabe kunjalo ukuthi njalo lapho ngidla, ngenziwe ngothuli lomhlabathi, futhi njalo lapho ngidla ukudla khona-ke ngihlumelelisa impilo yami na?”

Wathi, “Kunjalo. Wenza imithambo yegazi, ne—negazi, uthola igazi elisha ekudleni kwakho,” futhi wathi, “lokho kwenza impilo entsha.”

²³⁰ Ngathi, “Uyazi, ngenkathi ngingeminyaka eyishumi nesithupha ubudala, ngidla ukudla okufanayo engikudlayo manje,” ngase ngithi, “njalo lapho ngidla, ngiya ngokuba mkhulu ngokuqina, manje akunandaba ukuthi ngidla kangakanani, ngiyaguga futhi ngiya ngokuba buthakathaka. Uma ngihlumelelisa impilo yami, ikuphi, kwenzekani kuyo na? Ngitshele, nginojeke wamanzi nengilazi yaman- . . . ihlezi lapha, futhi ngiqala ukuthela amanzi kulojeke omkhulu angene kulengilazi, futhi iqala ukugcwala, futhi igcwala ingxenye, futhi ngiqala ukuthulula ngokushesha, futhi kuqhubeka kwehle ngaso sonke isikhathi, kufakazise ngokwesayense lokho kimi.” Angikwazi ukukwenza, ngingakwenza ngeBhayibheli, isikhathi esinqunyelwe ukubonana. Kunjalo.

²³¹ Kunjalo. UNkulunkulu umisile, ngenkathi Ebone wena nomama onyakeni ofanele, ngenkathi usemusha futhi ushadile futhi ujabule, uyakhumbula, baba? Ngaphambi kokuba abantwana bafike, into yokuqala niyazi, uyinto enhle kunazo zonke owake wayibuka. O, he, ubucabanga nje ukuthi ubengomuhle; nokuthi wayekwazisa kanjani, umile, lawomahlombe aqondile.

Emva kwesikhashana, waqalaza, futhi uthi, “Mama, kukhona imibimbi efika ngaphansi kwalawomehlo amahle.”

“Yebo, Baba, okunye okumpunga kungena *lapha*, futhi, kuputshela phezulu.”

²³² Yini indaba na? Niyabo, ukufa sekungenile, kuzonivalela ekhoneni ngolunye usuku, kodwa lalelani, ekuvukeni akuyikubakho neyodwa into efanekisa ukufa, siyoba kabusha. Haleluya!

²³³ Nginezinwele cishe ezine noma ezinhlanu ezisele ngaphezulu, futhi bengizikama ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, noma esikhathini esithize esedlule, ngizikama, nomkami wathi, “Billy, uyazi ukuthini? Usucishe ube nempandla nje, S’thandwa.”

Ngathi, “Kodwa angilahlekelwanga nangolulodwa lwazo.”

Wathi, “Ngiyacela ngitshele ukuthi zikuphi.”

²³⁴ Ngathi, “Awume kancane, S’thandwa, woza lapha.” Ngathi, “Ngitshele, be- . . . zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole, zazifanele zivele ndawondawo, ngitshele ukuthi zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole, ngizokutshela ukuthi zikuphi, zilinde mina ukuba ngize kuzo.”

²³⁵ Haleluya! UNkulunkulu wami unguNkulunkulu ka-Abrahama. Amen. Zonke izinwele zekhanda lakho zibaliwe. Yonke imibimbi izobaleka, ukuguga kuzodlula. O, udumo

kuNkulunkulu! Futhi siyoba yisidalwa esisha kuze kube phakade, simi ebuhleni bobusha nenjabulo. Amen. Lowo nguNkulunkulu wethu.

²³⁶ O, ngiyoba yi, nje, mhlawumbe isipunu esigcwele uthuli, kodwa Uzongibiza ngolunye usuku, athi, “Fu! Woza ngaphambili, Billy.”

Ngathi, “Ngilapha, Nkosi, ngilapha, Baba.” Yebo, mnumzane.

Akasoze afike athi, “Manje, Mnu. Branham, Charles, wena no-Ella zalani uWilliam futhi, ngoba wayengomunye wezinceku zaMi.”

Qhabo, qhabo. Uzokhuluma nje, futhi ngizoMphendula. Amen. Haleluya! *Haleluya* kusho ukuthi, “Dumisani uNkulunkulu wethu.” Ngicabanga ukuthi Ufanele udumo lonke.

²³⁷ Omunye wathi kimi esikhathini esingaside esedlule, wathi, owesifazane owayengowelinye ibandla lehlelo, wathi, “Mfowethu Branham, yinye kuphela into engalungile ngenkonzo yakho engiyitholayo.”

Ngathi, “Yini leyo na?”

Wathi, “Uqhosha kakhulu ngoJesu.”

Ngathi, “Ngenzani na?”

Wathi, “Uqhosha kakhulu, umenza abe ngonobuNkulunkulu.”

Ngathi, “WayengonobuNkulunkulu.”

Futhi wathi, “O, wayengumprofethi.”

Ngathi, “Wayengaphezu komprofethi, WayenguNkulunkulu wabaprofethi.” Kunjalo.

²³⁸ “O,” wathi. . . Uyazi ukuthi iyiphi inkolo engikhuluma ngayo, angifuni ukulimaza imizwa yenu, bekungowesifazane weChristian Science. Niyabo, ngoba abaningi babo uza emhlanganweni, uyaphulukiswa, lokho kulungile. Wathi, “Awu, waye—wayeyindoda elungileyo, ngikholwa ukuthi wayengumprofethi.”

Ngathi, “Kuphakathi kokuthi wayenguNkulunkulu, noma umkhohlisi omkhulu kunabo bonke izwe elake laba naye.” WayenguNkulunkulu uqobo lwaKhe.

Futhi wathi, “Ngizofakazisa eBhayibhelini lakho uqobo, uthe wawungoqavile womsuka, ngizofakazisa ngeBhayibheli lakho uqobo ukuthi wayengelutho ngaphandle komuntu.”

Ngathi, “Kufakazise.”

²³⁹ Futhi wathi, “UJohane oNgcwele isahluko 11, ngenkathi uJesu ehlela ethuneni likaLazaru, iBhayibheli lathi wakhala

izinyembezi, lokho kwafakazisa ukuthi wayeyisidalwa esingumuntu, njengoba unjalo.”

Futhi ngathi, “Ngabe lowo ngumBhalo wakho na?”

Wathi, “Yebo.”

Ngathi, “Dadewethu, lokho kuzacile kunesobho elenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawe yindlala.” Ngathi, “Lokho akusoze kwama.”

Wathi, “Uqonde ukuthini ngalokho na?”

²⁴⁰ Ngathi, “Wakhala njengomuntu, kunjalo, eya ethuneni, kodwa ngenkathi Emisa amahlombe aKhe amancane, aqhothile, futhi wawadonsa ndawonye, wayesethi, ‘Lazaru, phuma,’ nomuntu owayesenezinsuku ezine efile wama ngezinyawo zakhe, wabuye waphila, lokho kwathatha ngaphezu komuntu.” Yebo, mnumzane. UNkulunkulu!

²⁴¹ “NgingukuVuka nokuPhila,” kusho uNkulunkulu. Hhayi umuntu, hhayi umprofethi, kodwa uNkulunkulu, yilokho Ayeyikho. “NgingukuVuka nokuPhila,” kusho uNkulunkulu. “Okholwa yiMi, noma efile, wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa.” Wathi, “Uyakholwa yilokhu na?”

Wayesethi, “Yebo, Nkosi, ngiyakholwa.” Yilokho-ke, kukhona okumele kwenzeke. Hhayi umuntu, uNkulunkulu.

²⁴² Manje, asilandele u-Abrahama. Ngakho, uSara, u-Abimeleki wathi, “Uyazi, nango lowo omuhle, owesifazane ongumHeberu.” Wathi, “Yindoda yakho leyo na?”

“Qhabo, lowo ngumfowethu.”

Wathi, “Kunjalo, lowo ngu—lowo—lowo ngudadewethu.” Okungukuthi wayenguye, udadewabo ingxenye.

“Awu,” ngakho wathi, “awu, ngizomyisa esigidlweni, futhi ngi . . . uzoba ngumkami, futhi nje ngizokunika inqwaba yezinto. Uyabo?”

“Kulungile.”

Ngakho wamyisa lapho.

²⁴³ Futhi ubungathini nje indoda yenza into enjengaleyo na? Ngakho, wawelela lapho . . . Niyabo, kungani—kungani—kungani ekwenzile na? Kungani axegisa na? Wayephumile esithembisweni, wehlela eGerari.

²⁴⁴ Yingalesosizathu nina besifazane ninquma izinwele zenu, futhi nisebenzise izimonyo, nani bafo nibhema osikilidi, futhi—futhi niqhubeke ngendlela enenza ngayo, niyaphuma esithembisweni, futhi nibe nisalokhu niba ngabadikoni, namalunga, kanjalonjalo, njengoba enza lamaBaptisti, amaPresbyterian, iMethodisti, amaPentecostal, kanjalonjalo, uphuma nje ngqo esithembisweni, yilokho kuphela, udeveli ukuphushela noma ini . . . Hlala ngapha, lapho ongowakhona,

wakhulekisisa! Kunjalo, makuthi udeveli akhulume kuwe, mlalele.

²⁴⁵ Manje, nangu wayelapha, ehlezi phandle lapho njengelincane, igwala elinyonyobayo. Ehlezi ngaphandle... UNkulunkulu angithethelele ngokukhuluma ngomprofethi waKhe kanjalo, kodwa ngizama ukwenza iphuzu lapha.

²⁴⁶ Manje, siyabhekisisa, u-Abimeleki omdala wawelela lapho, futhi ngiyacabanga ngalobobusuku emva kokuba esegezile, futhi wagqoka amaphijama akhe, futhi washo imikhuleko yakhe, futhi wakhhipha izinzwane zakhe *kanjalo*, “O, ekugcineni ngimtholile ebengimfuna. Mm!” Elele embhedeni, wathi, “Kusasa, ngizoshada lona omuhle, owesifazane ongumHeberu.” Babemhlobisile wonke ngamacici, nazo zonke lezi uhlobo lwezinto, niyazi. “O, ubukeka emuhle kanjani! Kusasa, ngizomshada.”

²⁴⁷ Futhi ngenkathi esalele lapho embhedeni, iNkosi yathi, “Ufana nje nomuntu ofile.” Lowo olungile, umfowethu wobungwele, kodwa Wathi, “Ufana nje nomuntu ofile.” Yathi, “Lowo wesifazane ungunkosikazi wenye indoda.”

Awu, wathi, “Nkosi, Uyabazi ubuqotho benhliziyo yami. Akangitshelanga lokho na?”

“Yebo, Ngiyazi.”

“Akangitshelanga na?”

²⁴⁸ “Yebo, Ngiyazi, yingalesosizathu Ngikuvimbele ukuba wone kiMi. Manje, umyeni wakhe ungumprofethi waMi.” Amen. Manje, uma nifuna ukubhekisisa umusa, bukani lokhu. Ehlezi phandle lapho eqamba amanga ngomkakhe. “Kodwa umyeni wakhe ungumprofethi waMi. Ngeke ngiyizwe imikhuleko yakho, kodwa mbuyisele emuva, futhi umvumele akukhulekele, ngizobe-ke seNgikuphulukisa.”

²⁴⁹ O, haleluya! O, mfowethu, uyakubona na? INzalo ka-Abrahama yagxilisa okwehange kuJesu! “Umyeni wakhe ungumprofethi waMi.” Nakho lapho okhona. “Buyisela umkakhe kuye, futhi umnike umnikelo, futhi umvumele akukhulekele,” ngoba Wavala zonke izizalo. Kunjalo. Isizwe sasiyofa khona lapho, futhi singabe sisabakhona.

²⁵⁰ Kodwa wayezimisele, wayeyindoda elungileyo, wahamba wayesethatha unkosikazi wambuyisa futhi wambuyisela, noNkulunkulu wambusisa futhi wabusisa u-Abrahama. Khona-ke waqala ukubuyela phezulu ezweni lakubo lendabuko, emuva ngqo endaweni lapho iNgelosi yahlangana khona naye, futhi yakhombisa isibonakaliso ngokufulathela ngomhlane waYo. LowoNkulunkulu ofanayo uyaphila kulobobusuku.

²⁵¹ Angizukuba nesikhathi sokwenza lokhu okunye, ngikuthola kusasa kuSonto Sikole, lokhu'kuphawula okuncane kokugcina lapha. Ngine—ngina 21, 20, ingxenye yokugcina yesahluko sama

20 nesama 21, nokho, neminye imiBhalo lapho engingathanda ukuyisebenzisa. Futhi ngizokuthola lokho kusasa kuSonto Sikole, ukuthi Umenyusa kanjani futhi uba nguJehova-Jira.

252 O, mfowethu, iNgelosi yeNkosi i—ilapha, kulobubusuku. InguJehova uNkulunkulu enyameni yakho, InguJehova uNkulunkulu enyameni yami, lowoNkulunkulu ofanayo akafi neze, Unguye impela nje. Into yakho ingukuthi, abantu abamQondi. Abaqo-...Futhi lapho Efika, bathi, “Awu, kuhle kakhulu, ngiyacabanga. Kubukeka kulungile, a-hha. Ngiqagele lokho kulungile.”

253 O, mfowethu, uma lonke iZwi kuleloBhayibheli lingesilo iqiniso, alisilo iZwi likaNkulunkulu, alisilo iZwi likaNkulunkulu uma lingesilo. Kodwa uma Liyilo, khona-ke Li—Li...uma i...Uma uNkulunkulu eqinisa iZwi laKhe, khona-ke Liqinisele. Amen. UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, awukukholwa lokho na?

254 Ulapha, Ulapha. Ngisho lokho eGameni leNkosi. Ucabanga ukuthi Ukhona na? Manje, Angasebenzisa inyama yami ngokufanayo njengoba Engadala enye, ngoba Wangenza, empeleni. Wayengasebenzisa inyama yakho, Wadala, wakwenza, awukucabangi lokho na? Manje, uma nje uzovula inhliziyi yakho, futhi uzikhiphe wena endleleni, Uzongena, angakusebenzisa. UnguNkulunkulu ofanayo, Unikeza izibonakaliso ezifanayo. Amen. Uyakukholwa na? Bheka kuYe, mangifulathele, ngikhulekele into ethize engalungile kuwe. O, kuyinselelo.

255 Yebo, mnumzane. Nansi indoda phambi kwami, nansi imi ngqo...Ake ngibone manje, ikuphi na? Ihlezi khona emuva lapho, uthayi ovulekile lapha ngaphambili, igqoke isudu ekhanyayo, izinwele ezincane ngaphezulu, iphethwe yinkathazo yenhliziyi. Indoda egqoke isudu ebukeka impunga, ihlezi lapha ingibuka ngqo, ubukhuleka, “Nkosi, makangithinte.” Kunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Ukuthi iNgelosi efanayo yafika, ingitshela ukuthi ibithini enhliziyweni yayo, pho kungani kungesuye uNkulunkulu ofanayo na? Inkathazo yakho yenhliziyi isiphelile, Mfowethu, hamba uye ekhaya futhi uphile. Amen. Ubungeke kwenzeke ube nekhadi lomkhuleko, unalo na? Awunalo ikhadi lomkhuleko, awulidingi.

256 Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? I...Niyabo, uyaswanguluka nje. Ngicalazile, ngambona emi emuva lapho, lezozinwele ezizacile, ngabuka, ngacabanga, “Ukuphi na?” Ngabuka emuva lapho futhi ubelapho-ke, ubehlezi lapho. Indoda, nje, angikaze ngiyibone empilweni yami.

Uma siyizihambi, phakamisa isandla sakho, mnumzane. Ngabe onke amazwi ashiwo, aqinisele na? Ngabe yilokho obukucabanga, obukwenza na? Nakho lapho okhona.

²⁵⁷ Khona-ke Wathini na? Ngenkathi i, leyoNdoda ihlezi lapho, uNkulunkulu enyameni yaKhe, lenyama yeNdoda, yathi, “Usholoni uSara enhliziyweni yakhe, ukuthi ngeke kwenzeke na?” Khona-ke kufika iNgelosi efanayo lapha. Futhi yathi, “Kungani kube...? Ushilo ukuthi kuzokwenzeka, Makangithinte.” Amen.

²⁵⁸ O, kungani nibe mnyama kangaka na? Amen. Yiba nokukholwa nje. Aniboni, bangane na? Ningavuka, bantu bePentecostal na? Awuwulumi ngani unembeza wakho na? Awuwuncinzi ngani umphefumulo wakho na?

Amen. Manje, kuqala ndawo zonke. O, uJehova-jira, iNkosi iyakwazi ukuZihlinzekela umhlatsshelo. Amen. Yiba nokukholwa.

²⁵⁹ Ucabangani, Mfowethu na? Ngiqagele ungahle nicabange ukuthi nginesihluku, anginjalo. Ngingumfowenu, ngingumfowenu. Kunjalo, Mfowethu, ngiyakuthanda. Ngiyaqonda ngise—ebandleni lenhlangano lapha, i-Assembly of God, enye yabaxhasi bami abakhulu kunabo bonke, abafowethu. Kodwa engikuzondayo ukukubona kubanda futhi kuphola. Angimelene naleyonhlangano, angimelene nabazalwane be-Oneness phandle lapho, noma amaMethodisti, noma amaBaptisti, ngisho into efanayo ndawo zonke, kodwa engizama ukukusho, “Zithintithe, mfowethu. Susa amehlo akho kulezizinto.”

²⁶⁰ Lapha, awume kancane, owesifazane ubonakale lapha phambi kwami, omunye umuntu ekhuleka, ukuguliswa yimizwa, amehlo. Owesifazane ugqoke ingubo ebomvu. Nangu ehlezi khona lapha. Uyakholwa ukuthi Uzokuphulukisa na? Nkk. Curry, khona-ke uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, uNkulunkulu uzokusindisa. Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, nakho lapho okhona.

²⁶¹ Nginiphosela inselelo ukuba nikukholwe. Kuyini na? INkosi efanayo uNkulunkulu uSomandla, Ulapha phakathi, ehlala enyameni yomuntu. Halleluya! Halleluya! O, he! UMoya waKhe ukuso sonke isakhiwo.

²⁶² Noma ngabe ubekuphi lowo wesifazane Okhulume kuye na? Uphi na? Ngabe, bekunguwe, nenekazi na? Owesifazane Okhulume kuye ngaleyonkathi nje, bekukuphi na? O, lapha, lelinenekazi, ya. Kulungile. Uyakwemukela ukuphulukiswa kwakho manje na? Angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami, angazi lutho ngawe, kodwa lezozinto ziyiqiniso, bekungenjalo na?

Nakho lapho okhona. Kulungile. Kulungile. Niyabo, angikaze ngimbone, nazo izandla zami phambi kukaNkulunkulu. Niyabona ukuthi Wenzani na?

²⁶³ O, mfowethu, dadewethu, uma nje ubungadeda egobolondweni lakho, donsa uphume kulo! Phuma, uzibeke

phambi kukaNkulunkulu, futhi uthi, “Nkosi Nkulunkulu, akukho lutho engilulethayo ezingalweni zami, ngibambelela kalula esiphambanweni saKho.” Kunjalo.

NgizoMdumisa, ngizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatselwa izoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze ibala ngalinye.

NgizoMdumisa, ngizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatselwa izoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze ibala ngalinye.

Ng’yaMthanda, ngi . . .

O, he, Mkhonzeni. El’khuni, intshumayelo esikayo isiphelile manje, asiMkhonze.

. . . Wangithanda kuqala (AniMthandi na?
Akamangalisi na?)
. . . thenga . . . insindiso
Emthini waseKalvari.

NgizoMdumisa, (Anizizwa nikolojiwe konke
manje na?) NgizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatselwa izoni;
O, Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze ibala ngalinye.

²⁶⁴ O, lokho akwenzi yini okuthize kuwe na? UMoya osikayo uhamba udabula esakhiweni uqoba, usoka. Lichaza ukuthini igama elithi *ukusoka* na? “Unqume inyama eseleyo.” Ibandla linyama eningi kakhulu esele, iNkemba kaNkulunkulu iyayinqama, khona-ke lapho senza, sizizwa sonke sisokiwe futhi sihlanzekile. UPawulu wathi, “NgiyaMkhonza, ngiMkhonza ngoMoya.”

NgizoMdumisa, ngizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatselwa izoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze ibala ngalinye.

²⁶⁵ O, Akamangalisi na? Ngabe sikhona isoni lapha esazi ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso, uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe na? UNkulunkulu ukhuluma lapha, futhi uma noma yimuphi umuntu oshumayela iZwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu uzolisekela iZwi laKhe. Manje, awudingi ukuqagela ngakho, Uyaphila, Ulapha manje. UyaMfuna njengoMsindisi wakho na? Yenyukela e-altare uma ukwenza, sisacula futhi. “NgizoMdumisa, dumisani iWundlu ngokuhlatselwa izoni.” Kulungile. Uzoza e-altare na?

NgizoMdumisa, ngizoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatselwa izoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,

Ngokuba iGazi laKhe ligeze ibala ngalinye.

²⁶⁶ O, kuyamangalisa! Bekungenzekani eNdiya ukuba lokho kubizela e-altare kwenziwa kanjalo na? Beniyodingeka nibuyele emuva, bebezokuminyanisa phansi, ngasezinkulungwaneni zitheleka zizungeze i-altare, bayaMthanda, ulapho bebona uNkulunkulu, hhayi into ephathekayo, hhayi uNkulunkulu onguNkulunkulu womlando, uNkulunkulu onguNkulunkulu wosuku lwamanje.

²⁶⁷ UNkulunkulu wasemlandweni Uyazenza... Ngizobe ngishumayela lokho ngeviki elizayo: *UNkulunkulu WoMlando Evuka Esigcawini*. Bonani uma EnguNkulunkulu womlando, noma uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo, namhlanje. Amen. Ng'yaMthanda, aninjalo na?

Ukhohlo lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
Msindisi waPhezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa zonke izono zami,
O makuthi mina kusukela kulolusuku
Ngibe ngowaKho wonke!

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama
kwempilo,
Nezinsizi zanda macala onke kimi,
Wena yiba nguMholi wami;
Yala ubumnyama buphenduke imini,
Sula izinyembezi zosizi,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

Ngeke yini omunye umuntu azungeze i-altare ngenkathi laba beselapha, imiphefumulo ezisolayo ikhala na?

Ukhohlo lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu lase...

Woza, mngane oyisoni, awusoze wasondela kakhulu.

Msindisi waPhezulu;

Kuthiwani ngomKristu osivivi na? Awukhuphuki ngani, ukhulekisisa na?

Manje, ngizwe ngisakhuleka,
Susa sonke isono sami,
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

²⁶⁸ Ungeze na? Woza ngobumnandi, ngokuzithoba esiphambanweni. UNkulunkulu akubusise, nina enizayo. Hamba uye phansi ngqo futhi ungene manje, uzungeze i-altare. Masibe nenkathi yomkhuleko. Kungani kungesibo labo ozizwa enomswakama kancane emoyeni wakho na? Woza, Dadewethu

othandekayo, ngikubona phezulu ngqo kuvulandi osesitezi uza, woza.

Njengokuba nginje, ngingenaso nesisodwa
isicelo

Kodwa ukuthi iGazi laKho lachithelwa mina,
Ngoba Wena wethembisa, ngiyakholwa,
O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza!

Yilokho-ke. Manje ukubanda kuzoya ekuhlakazekeni.


Njengokuba nginje, ngingenaso nesisodwa
isicelo

Kodwa ukuthi iGazi laKho lachithelwa mina,
Ngoba ngiyethembisa . . . mina ngiza kuWe,
O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza! Ngiyeza!

Njengoba nginjalo nje, futhi ngingalindi
Ukususa umphefumulo wami ebaleni elilodwa
elimnyama,

KuWe, OGazi laKhe lingahlanza ibala
ngalinye,

O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza! Ngiyeza!

²⁶⁹ Manje, nonke, kothamisani amakhanda enu, phakamisani izandla zenu kuNkulunkulu, futhi niqale ukukhuleka, khulekani nina uqobo. Yehla ngqo bese uqala ukukhuleka. Yilokho-ke...?... 

61-0211 U-Abrahama
EFirst Assembly Of God Of Long Beach
ELong Beach, ECalifornia E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org